# Ministerial Foreword



Matsie Angelina Motshekga, MP
Minister of Basic Education

The Department of Basic Education remains steadfastly committed to innovative strategies aimed at enhancing learner attainment. Consistent with the government's commitment in promoting the indigenous languages that form the tapestry of our democratic landscape, this Mind the Gap Self study guide is a concrete demonstration of this commitment.


The release of this self-study guide incorporates all the official African Home Languages focusing on the novel genre at this stage. Not only does the study guide incorporate the African languages, but it also incorporates South African Sign Language Home Language, Afrikaans Home Language and English First Additional Language.

The Mind the Gap Literature Self Study Guide is responding to the broader sectoral reading challenges that the country is experiencing. It seeks to strengthen the following strands of the National Reading Sector Plan: Teacher Development and Support; Direct Learner Support; and Provisioning and Utilisation of the Learning and Teaching Support Materials. Its interactive nature will make it easier for both teachers and learners to read, to learn or study. It is hoped that through this Study Guide, the reading and learning outcomes will be achieved.

Key terminologies are explained or illustrated in a simplified manner and examples of the types of questions as a learner you may expect to be asked in an examination, are included in this study guide. In order to build your understanding, specific questions and possible responses forms part of the study guide package.

The study guide is designed to appeal to any learner offering Grade 12, whether as a part-time or a full-time candidate. Educators in the field will also find it an invaluable resource in their practice.

Every learner is a national asset, all you need now is to put in the hours required to prepare for the examinations and excel!
We wish each and every one of you good luck and success.



**MRS AM MOTSHEKGA, MP**
**MINISTER**
**DATE: 14 NOVEMBER 2019**

# OKUQUKETHWE



| | ISIHLOKO | ISIHLOKWANA | IKHASI |
|---|---|---|---|
| 1. | **ISANDULELA** | • Mfundi webanga le – 12.<br>• Indlela yokusebenzisa lo mqulu.<br>• Amasu okwenza kangcono kuleli phepha.<br>• Okulindeke ukuba ukwenze ngesikhathi sokubhala izivivinyo.<br>• Ukuhleleka kwephepha lesibili.<br>• Okulindelwe abahloli bephepha kohlolwayo (Amazinga okuhlakanipha).<br>• Amagama asetshenziswa emibuzweni ypkuhlola. | |
| 2. | **ISAHLUKO 1**<br>AMASU OBUCIKO | • Ukuchazwa kwamasu obuciko | |
| 3. | **ISAHLUKO 2**<br>IQOQA LENOVELI | • Umlando wombhali<br>• Incwadi ngamafuphi ngokwezahluko<br>• Imisebenzi ngokwezahluko zenoveli | |
| 4. | **ISAHLUKO 3**<br>AMASU OBUCIKO KULE NOVELI | • Amasu okuhluza inoveli<br>• Imisebenzi | |
| 5. | **ISAHLUKO 4**<br>IMIBUZO EMIDE | • Ukuhlaziya umbuzo omude<br>• Isibonelo sempendulo yombuzo omude<br>• Imisebenzi | |
| 6. | **ISAHLUKO 5**<br><br>IMIBUZO EMIFUSHANE | • Ukuhlaziya umbuzo omfushane<br>• Isibonelo sempendulo yombuzo omfushane<br>• Imisebenzi. | |

**ISANDULELA**

**MFUNDI WEBANGA LE- 12**

Mfundi webanga le-12, yamukela nanku umqulu ongakulekelela ukuqonda kangcono ikhono lokufunda inoveli kanye nendlela yokuphendula imibuzo ngesikhathi sokuhlolwa. Lo mqulu uzokucathulisa ngamasu okuphendula umbuzo omude kanye nemibuzo emifushane ukuze uphumelele.

**INDLELA YOKUSEBENZISA LO MQULU**

Lo mqulu uzokulekelela ukuba wenze kangcono ekuphenduleni imibuzo eqondene nenoveli. Ngakho-ke kubalulekile ukuba ungagcini nje ngokufunda lo mqulu kuphela. Kumele uqale ngokufunda incwadi yonke ukuze lo mqulu uzokwazi ukukulekelela ekuyiqondeni kangcono le noveli.

- Funda inoveli yakho kusuka esahlukweni soku-1 kuze kuyofika esahlukweni se-15.
- Okunye ongakwenza ukuthi ufunde izahluko ezintathu ezilandelanayo kunoveli bese ubheka ukufingqwa kwalezo zahluko kulo mqulu.
- Phendula imibuzo etholakala ekugcineni kwezahluko ezintathu osuzifundile.
- Fundisisa amasu okuhluza atholakala esahlukweni sokuqala.
- Fundisisa indlela okubuzwa ngayo imibuzo emide. Bheka nezibonelo ezitholakala esahlukweni sesi-4 salo mqulu.
- Emva kokubuka izibonelo zombuzo omude kulesi sahluko, phendula umbuzo otholakala ekugcineni kwaso.
- Fundisisa indlela okubuzwa ngayo imibuzo emfushane. Bheka nezibonelo ezitholakala esahlukweni sesi-5 salo mqulu.
- Emva kokubuka izibonelo zemibuzo emfushane kulesi sahluko, phendula imibuzo etholakala ekugcineni kwaso.

**AMASU ONGAWASEBENZISA UKUPHENDULA IMIBUZO NGOSUKU LOKUHLOLWA**

1. Ngaphambi kokuphendula isiqephu B KANYE nesiqephu C ephepheni, fundisisa umbuzo wenoveli omude kanye nombuzo womdlalo omude.
2. Qhathanisa imibuzo ekusiqephu B KANYE no C ukuze ukhethe ongawuphendula kangcono kunomunye.
3. Fundisisa umbuzo owukhethile udwebele amagama awumongo wombuzo ukuze uphendule okulindelekile embuzweni.
4. Bhala amaphuzu angamalungiselelo azokulekelela ukuphendula kahle umbuzo owukhethile.
5. Hlela impendulo yakho ngale ndlela:
   - Isingeniso: -Chaza umbuzo usebenzisa amagama awumongo wombuzo.

-Yamanisa amagama awumongo wombuzo nolwazi lwale noveli.

- Umzimba: -Phendula umbuzo wesekela ngolwazi olutholakala kule noveli. Hlela impendulo yakho ngokwezigaba ezinikezelanayo.
- Isiphetho: - Songa impendulo ngokubhala uvo / umbono wakho uhambisane namaphuzu esingeniso kanye nomzimba.

6.Uma ukhethe umbuzo omfushane qikelela ukuthi uyasifundisisa isiqeshana noma iziqeshana ozinikeziwe.

7.Qikelela ukuthi impendulo yakho ihambisana nobungako bomklomelo osembuzweni.

8.Buyekeza izimpendulo zakho ukuqinisekisa ukuthi awekho amaphutha.

**UKUHLELEKA KWEPHEPHA LESI-2**

| **ISIQEPHU A: IZINKONDLO**<br><br>**Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.** | | | |
|---|---|---|---|
| **INOMBOLO YOMBUZO** | **UMBUZO** | **AMAMAKI** | **INOMBOLO YEKHASI** |
| 1. Inkondlo emiselwe | Umbuzo omude | **10** | |
| | | | |
| 2. Inkondlo emiselwe | Umbuzo omfushane | **10** | |
| | | | |
| 3. Inkondlo emiselwe | Umbuzo omfushane | **10** | |
| | | | |
| 4. Inkondlo emiselwe | Umbuzo omfushane | **10** | |
| **KANYE**<br>**Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.** | | | |
| 5. Inkondlo eyimpoqo | Umbuzo omfushane | **10** | |
| **ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO.**<br><br>**INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli emiselwe.** | | | |

| | | | |
|---|---|---|---|
| Impi Yabomdabu Isethunjini | Umbuzo omude | 25 | |
| | | | |
| Impi Yabomdabu Isethunjini | Umbuzo omfushane | 25 | |
| | | | |
| Inoveli Yesi - 2 | Umbuzo omude | | |
| | | | |
| Inoveli Yesi - 2 | Umbuzo omfushane | | |
| | | | |
| **NOMA**<br>**UBUCIKO BOMLOMO: Phendula umbuzo OWODWA kulobu buciko bomlomo obumiselwe** | | | |
| Uju Lwezizukulwane | Umbuzo omude | 25 | |
| Uju Lwezizukulwane | Umbuzo omfushane | 25 | |
| **ISIQEPHU C: UMDLALO**<br>**Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe.** | | | |
| Ubhuku Lwamanqe | Umbuzo omude | **25** | |
| | | | |
| Ubhuku Lwamanqe | Umbuzo omfushane | **25** | |
| | | | |
| Umdlalo wesi - 2 | Umbuzo omude | **25** | |
| | | | |
| Umdlalo wesi - 2 | Umbuzo omfushane | **25** | |
| **QAPHELA:** Phendula umbuzo OWODWA omude kanye nombuzo OWODWA omfushane esiqeshini B nasesiqeshini C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omude esiqeshini C, kanjalo futhi uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omfushane esiqeshini C. | | | |

**OKULINDELWE ABAHLOLI BEPHEPHA (UKUHLELEKA KWEMIBUZO)**

**Amazinga okuhleleka kwemibuzo**

Kubalulekile ukuba mfundi uzicije ngendlela imibuzo ehleleke ngayo ephepheni. Lokhu kungakulekelela ukuba wazi ukuthi izindlela zokuphendula imibuzo azifani.

- Imibuzo yephepha ihleleke ngamazinga amathathu:
    - Imibuzo elula / esobala [40%]
    - Imibuzo ephakathi/ esendimeni [40%]
    - Imibuzo ethe thuthu [20%]
- Imibuzo elula / esobala yehlukene kabili: Kukhona le mibuzo engasekuqaleni lapho umfundi kumele athathe impendulo esiqeshini njengoba injalo **[literal question].**
    - ✓ Umbuzo oba sekuqaleni usuke udinga impendulo esesiqeshini njengoba injalo. Imvamisa kuye kubuzwe kubhekiswe esigabeni sokuqala noma sesibili. Okubuzwayo amasu obuciko atholakala esiqeshiniokumele usifunde ngaphambi kokuphendula imibuzo.
    - ✓ Ingxenye yesibili kule mibuzo elula, yilena okudingeka uhlanganise impendulo yakho. Imvamisa kumele impendulo yakho ungayibheki esigabeni esisodwa kuphela. Kumele uyibheke ezigabeni ezahlukene noma esiqeshini sisonke. **[Re-organizing].**
- Imibuzo ephakathi /esendimeni: Kulesi sigaba kumele usebenzise ulwazi lwakho lwempilo ukuphendula. Lapha mfundi akumele uthathe impendulo esiqeshini / encwadini kepha kumele usukele kokubuzwe esiqeshini bese usabalala nempendulo yakho. Kule ngxenye kumele usebenzise kakhulu ulwazi onalo kanye nokucabanga kwakho usebenzisa amasu obuciko. Qikelela ukuthi wethula impendulo ephusile nakuba usebenzisa ukucabanga kwakho **[Inference question].**
- Imibuzo ethe thuthu yehlukene kabili:
    - ✓ Ingxenye yokuqala kulindeleke ukuba ukwazi ukuhlaziya noma uhlolisise indlela incwadi ebhaleke ngayo. Kubalulekile ukuba uqonde ukuthi impendulo yakho ihambisana noMthethosisekelo, amagugu kanye nobuntu **[Evaluation]**
    - ✓ Ingxenye yesibili ivamise ukuba umbuzo osekugcineni. Lapha mfundi kumele uncome noma ugxeke indlela incwadi noma isu lobuciko elisetshenziswe ngayo. Kungabuye kudingeke ukuba uveze uvo lwakho. **(Appreciation)**

**AMAGAMA ASETSHENZISWA EMIBUZWENI YOKUHLOLA**

| **Imibuzo esobala (Literal)-izinga loku-1**<br>Le mibuzo idinga uthole ulwazi esiqeshini obusifunda ngakho-ke izimpendulo zayo zisesiqeshini. | **Imibuzo yokulungisa nokuhlela kabusha (Re-organisation) izinga lesi-2**<br>Le mibuzo idinga ukuthi uhlele kabusha.Izimpendulo zikhona esiqeshini kodwa kudinga ukuthi uzihlele kabusha. |
|---|---|
| **Izibonelo zale mibuzo:**<br>• **Gagula** izinto/abantu/izindawo njl…<br>• **Shono** isizathu/Nikeza izizathu/bona isizathu…<br>• **Isiphi** isizathu….<br>• **Iyiphi** imbangela/ **nikeza** imbangela….<br>• **Nika** amagama…<br>• **Gagula** indawo… | **Izibonelo zale mibuzo:**<br>• **Fingqa** ngamaphuzu amabili….<br>• **Hlanganisa** ndawonye okufanayo…<br>• **Chaza kafushane**…<br>• **Nikeza** okufanayo…<br>• **Ikuphi** okungumehluko…<br>• **Nikeza** okusamfanekiso…. |
| **40%** | |

| **ukucabangela (Inference)-Izinga lesi-3 (40%)** |
|---|
| **Isibonelo semibuzo**<br><br>**Qaphela:** Imibuzo ekhethisayo ingena ngaphansi kwalolu hlobo lwemibuzo**.**<br>• **Chaza imbangela…**<br>• **Chaza umphumela….**<br>• **Chaza umthelela …**<br>• **Yini inhloso** yombhali…<br>• **Ngabe isimo sokukhuluma** (isaga / isisho/isifenqo**) sinamthelela muni** ekuqondeni….<br>• **Chaza isimo sokukhuluma** …<br>• **Ucabanga** ukuthi uzoba njani **umphumela/umthelela**/ njl wesenzo/wesimo…./Ucabanga ukuthi kungaba namthelela muni…<br>• **Chaza umbonongqangi**….<br>• **Qhathanisa** imibono/indlela okubukwa ngayo izinto/isenzeko…/ Qhathanisa okushiwo esigabeni sesi-4 nesigaba sesi—6 njl. /Qhathanisa okufanayo okwenziwa….<br>• **Ucabanga** ukuthi isenzo …<br>• **Ucabanga** amazwi omlingiswa…<br>• **Ucabanga** indlela abuka ngayo kumveza kanjani umbhali/umlingiswa/umlandi…<br>• **Humusha** isitatimende esibhalwe ngokugqamile… |
| **40%** |

| **Ukuhlolisisa-(Evaluation)-izinga lesi-4** | **Ukuncoma-(Appreciation) izinga lesi-5** |
| --- | --- |
| **Imibuzo ehlolisisayo** imayelana nezinqumo ezithinta ubugugu nokunohlonze. Lokhu kufaka izinqumo mayelana nokuqinisekisa ubukhona bento, iqiniso nombono, nokukholeka, ukukwazi ukucabanga nokuqonda, ukuphikisana kanye nezinto ezifana nokuthandeka. Ukwamukeleka kwezinqumo nezenzo nokwaziswayo emphakathini.<br>**Izibonelo zale mibuzo:**<br>• **Ngokucabanga kwakho** lokhu okwenzekile kuyakholeka/kungenzeka/kungenzeke…<br>• **Umbono** ovezwa ngumbhali ngabe **unobuqiniso**…<br>• **Phawula ngokuhlolisisa**….<br>• **Hlaziya ngokuhlolisisa** ….<br>• Uyavumelana nombono… Sekela impendulo yakho<br>• Uyavumelana nesitatimende…Sekela impendulo yakho<br>• Ngokwakho ukubona ngabe umbhali …<br>• **Ngabe isenzo** soku... **samukelekile** yini… Sekela impendulo yakho<br>• **Hlolisisa…**<br>• **Ngabe uyazwelana** nombhali uma ethi… Sekela impendulo yakho<br>• **Yikuphi ongakwenza** uma ungase ubhekane nalesi simo? | Imibuzo encomayo ihlose ukuhlola umthelela ngokomqondo nokuncoma itheksthi kohlolwayo. Kugxilwa kakhulu endleleni aphendula ngayo ebheka ukuphakama komoya ngokuqukethwe, ukukhonjwa kwabalingiswa, noma izehlakalo nendlela ayophendula ngayo ekusetshenzisweni kolimi ngumbhali (njengokukhethwa kwamagama nemifanekisomqondo).<br>**Izibonelo zale mibuzo:**<br>• **Xoxa ngempumelelo** yombhali…<br>• **Phawula** ngolimi olusetshenziswe umbhali…<br>• **Phawula** ngomyalezo owedluliswa ……<br>• **Xoxa ngokuphumelela** kwesitayela sombhali ekwethuleni isingeniso/ isiphetho….<br>• **Phawula ngokwezinqumo** zamagugu ezitholakala esiqeshini.<br>• Ake u**ncome…**<br>• Ake **ugxeke**… |

**ISAHLUKO 1**

**UKUCHAZWA KWAMASU OBUCIKO**

**Okungakulekelela ukuqonda kabanzi ngenoveli:**

**ISAKHIWO**

Isakhiwo senoveli siwukubumbeka kwendaba ukusuka ekuqaleni kuze kuyofika ekugcineni. Kubhekwa ukuthi indaba iqala kuphi ize iphele kuphi. Isakhiwo (isethulo, ukubhebhetheka kodweshu okulethwa yizigameko, isixakaxaka, uvuthondaba, ipholavuthondaba, isiphetho, ukujeqeza emuva nokubikezela) kanye nesakhiwana.

**Amabanga esakhiwo:**

- **Isethulo (Isingeniso)**

  Umsebenzi wesethulo uku…

  ✓ sethulela umlingiswa osemqoka/omkhulu

  ✓ sethulela isisusa sodweshu

  ✓ sethulela isizinda ikakhulukazi indawo lapho indaba izogxila khona

- **Umzimba**

  Umzimba wesakhiwo usethulela…

  ✓ ukubhebhetheka kodweshu

  ✓ isixakaxaka

  ✓ uvuthondaba

  (isu lokujeqeza emuva kanye nesu lokubikezela)

- **Isiphetho**

  Isiphetho sisethulela…

  ✓ uvuthondaba / ipholavuthondaba

  ✓ ingwijikhwebu (akusiwo wonke amanoveli aphetha ngengwijikhwebu).

## ISAKHIWANA

Isakhiwana siyindaba ephelele etholakala ngaphakathi endabeni enkulu. Abanye bangayifanisa nendaba emfushane etholakala kunoveli ephelele. Le ndatshana kumele ibe nomlingiswa osemqoka. Idingida isigameko esisodwa. Okunye okumele ukuqaphele ukuthi le ndatshana etholakala kunoveli kungenzeka ingalandelani njalo ize iyofika ekugcineni. Kungenzeka uthole indatshana ephelele isuka ekuqaleni ize iyofika ekugcineni. Okubaluleke kakhulu ukuthi isakhiwana lesi sinokuxhumana okukhulu nomlingiswa osemqoka.

**Qaphela:**
Izincwadi zingaba naso isakhiwana ezinye zingabi naso. Ngakho-ke akuzona zonke izincwadi ezinesakhiwana.

## ABALINGISWA

- ✓ **Yini umlingiswa/abalingiswa?**

  Abalingiswa/umlingiswa yilowo muntu osetshenziswa umbhali ukwenza yonke imicabango yakhe noma umuntu owenza okuthile endabeni. Kufanele enze izinto ezingenziwa umuntu ophilayo. izibonelo: akhale, athukuthele njll. Umbhali wenoveli akagcini ngokulandisa nje kuphela kepha uyaye agcizelele okuthile ngokusebenzisa abalingiswa.

**Izinhlobo zabalingiswa**

1. *Umlingiswa osemqoka/omkhulu/ngqangi*
   - Lona umlingiswa othwele indaba, ukusuka ekuqaleni kuze kuyofika ekugcineni. Umbhali usebenzisa yena ukwethula indaba yakhe noma uthi ebhala indaba izungeze kuyena. Lo mlingiswa uvamise ukuvela kusuka ekuqaleni kwendaba kuze kube sekugcineni. Indaba yonke ingaye. Uyena osuke ebhekene nenkinga okuzomele azame ukuyixazulula.

2. *Abalingiswa ababalulekile*
   - Laba abalingiswa abasondelene nomlingiswa osemqoka/omkhulu/ngqangi. Laba balingiswa balekelela umlingiswa osemqoka/omkhulu/ngqangi ukuba aphumelele. Kwenye inkathi abanye babo yibo abenza umlingiswa osemqoka/ omkhulu/ngqangi azithole esenkingeni. Indaba ayikwazi ukuqhubeka uma bengekho. Ngakho-ke babamba iqhaza elikhulu ekuthuthukiseni indaba kusukela ekuqaleni kuze kube sekugcineni.

3. *Abalingiswa abancane/abangabalulekile*

- Laba abalingiswa ababamba iqhaza elincane endabeni. Indaba ingakwazi ukuqhubeka ngaphandle kwabo. Nakuba bebancane kepha iqhaza labo lapho bevela khona benza umehluko omkhulu. Ubuncane babo kusho ukuthi abaveli njalo endabeni.

**Ukuvezwa kwabalingiswa**

Abalingiswa bangavezwa ngezindlela ezehlukahlukene kuye nangeqhaza labo. Bangavezwa ngalezi zindlela ezilandelayo:

1. **Izenzo zabo**

   Okubalulekile kubhekwa izenzo abazenzayo endabeni izibonelo: izenzo zobugebengu izenzo zokuthakatha njll.

2. **Ukuqanjwa kwabo amagama**

   Ukuqanjwa kwabo amagama ukuthi ayahambisana yini nezenzo zabo noma azihambisani namagama abawaqanjiwe.

3. **Indawo abahlala kuyo**

   Kwenye inkathi abanye abalingiswa bayahambisana nendawo abahlala kuyo/ abazalelwe kuyo. Uma umlingiswa ezalelwe emakhaya, kulindeleke ukuthi ahloniphe ngoba abantu basemakhaya baziwa njengabantu abahloniphayo. Uma umlingiswa kungowasedolobheni, kubukeke sengathi ungumuntu ongaziphethe kahle. Kwenye inkathi, lokhu kuyaphambana.

4. **Indlela umlingiswa abuka ngayo izinto.**

   Okwenzekayo endabeni umlingiswa ukubuka kanjani? Uyahambisana nakho noma cha? Izinto uzibuka ngeso elinjani?

5. **Indlela agqoka ngayo.**
   Indlela yokugqoka ingakhomba ukuhlonipheka komlingiswa noma ukungahlonipheki kwakhe. Ingakhomba ukunotha noma ukweswela komlingiswa. Izibonelo: ugqoka izingubo ezidabukile.

6. **Indlela akhuluma ngayo**

   Indlela akhuluma ngayo umlingiswa iyakwazi ukumveza ukuthi ungumuntu onjani. Ungumuntu ohloniphayo noma odelelayo. Uyabahlonipha yini abanye abalingiswa.

Indlela acabanga ngayo iyamveza ukuthi ungumlingiswa onjani.

7. **Umlingiswa uvezwa ngabanye abalingiswa**

Kungenzeka avezwe abanye abalingiswa ngokuthi bakhulume ngaye okanye ngemicabango yabo. Bangakhuluma bacabange okuhle noma okubi ngaye njl.

**Qaphela**:

Lezi zimpawu ezingenhla zingevele zonke kanyekanye kumlingiswa ngamunye.

**UMLANDI ENDABENI**

**Yini umlandi?**

Umlandi kungaba umbhali wendaba noma kube umuntu olekelela umbhali wendaba ukuba abhale indaba yakhe ngokwendikimba.

- **Izinhlobo zabalandi**

*Zintathu izinhlobo zabalandi:*

1. Umlandi wokuqala

   ✓ Umlandi wokuqala uba yingxenye yendaba abhala ngayo.

   ✓ Lo mlandi uvame ukuba ngumlingiswa osemqoka ngoba indaba isuke ingaye.

2. Umlandi wesibili

   ✓ Umlandi wesibili ubhala indaba kube sengathi ukhuluma nomlingiswa.

3. Umlandi wesithathu

   Amanoveli amaningi asebenzisa lolu hlobo lomlandi.

   ✓ Lo mlandi wesithathu ungusazi konke.

   ✓ Utholakala ezindaweni ezahlukene ngezikhathi zonke.

   ✓ Ukwazi ukusivezela amacala ahlukene abalingiswa njl.

   **Umsebenzi womlandi**

   - Ukulandisa indaba ukusuka ekuqaleni kuze kuyoba sekugcineni

- Ukuchaza abalingiswa
- Ukuchaza indawo
- Ukubambezela indaba ukuze ingasheshi ifike kuvuthondaba.
- Usebenzisa amasu obuciko ukwethula uheho kofundayo.

**INDIKIMBA KANYE NOMYALEZO**

**Indikimba**

Indikimba ingumqondo jikelele noma yilokho indaba ekhuluma ngakho ngegama elilodwa kumbe ngebinzana nje lamagama. Indikimba iphendula umbuzo othi indaba ikhuluma ngani.

**Umyalezo**

Umyalezo yilokho umbhali ahlose ukukwedlulisela kubafundi noma emphakathini ngombhalo wakhe okungaba ukuqwashisa, ukukhuthaza, ukufundisa ngesimo esithile nokunye. Lokhu kuvama ukwethulwa ngomusho ophelele.

**ULWAZI LWANGAPHAMBILI KANYE NESIZINDA- UBUDLELWANE NABALINGISWA NENDIKIMBA**

**Ulwazi lwaphambilini/ulwazi lwangaphambili**

Ulwazi lwaphambilini lungachazwa ngalezi zindlela ezilandelayo:

1. Indatshana etholakala ngaphambi kokuba indaba iqale. Yiyo kanye le ndatshana okumele umfundi ayiqondisise kahle ngaphambi kokuba afunde indaba yonke.
2. Umlando wombhali ongaba nomthelela embhalweni wakhe.
3. Izimo esezike zenzeka phambilini ezingalekelela ekukwazini ukuchaza isenzo noma izenzo zomlingiswa.
4. Umlando womlingiswa
5. Izinto esingazibona noma sizizwe ezingemuva kokunye

**Ubudlelwano phakathi kwesizinda nabalingiswa**

Umbhali wenoveli usebenzisa abalingiswa ukugqamisa/ ukucacisa isizinda senoveli. Lobo budlelwane babalingiswa nesizinda bunomthelela ekuthuthukiseni indaba.

**Isizinda**

Ukuhambelana kwendawo inkathi kanye nesimo senhlalo endabeni. Isizinda sinezingxenye ezintathu: indawo (yilapho izigameko zenzeka khona), Inkathi (kubhekwa ukuthi izigameko zenzeka nini) isimo senhlalo (kubhekwa indlela abalingiswa abaphilisana/abahlalisana ngayo) Okubaluleke kakhulu ngezingxenye zesizinda ukuthi zigqamisa izimpawu ezitholakala endabeni.

- **Indawo**
    - Indawo yasemakhaya
    - Indawo yasedolobheni
- **Inkathi**
    - Inkathi yamanje
    - Inkathi yasemandulo
    - Inkathi yezinguquko
- **Isimo senhlalo**
    - Isimo senhlalo asisihle
    - Isimo senhlalo sihle
    - Isimo senhlalo siyaguquka- siqala sisihle siphethe sesingesihle noma siqale singesihle siphethe sesisihle.

**Ubudlelwano phakathi kwesizinda nendikimba**

Indikimba kumele ithunge zonke izingxenye zesizinda ukuze kugqame ubudlelwano phakathi kwesizinda nendikimba.

- Indikimba inamthelela muni ngokwendawo
- Indikimba inamthelela muni ngokwenkathi
- Indikimba inamthelela muni ngokwesimo senhlalo

**UMOYA NENGWIJIKHWEBU**

- **UMOYA**

Umoya embhalweni wobuciko uchaza indlela noma umuzwa umlingiswa asuke ekuwo ngaleso sikhathi. Lo muzwa uvezwa ukusetshenziswa kwamagama athile ngabalingiswa ngesikhathi bekhuluma. Kokunye umuzwa ungavezwa indlela umlingiswa acabanga ngayo. Umbhali angasebenzisa amagama ukusethulela umuzwa wabalingiswa abatholakala embhalweni.

**Izinhlobo zomoya ezingatholakala embhalweni wobuciko:**

- ✓ Umoya wokudideka
- ✓ Umoya wentukuthelo/wokucasuka
- ✓ Umoya woxolo/wokuthethelela
- ✓ Umoya wokwenama/ wokwesasa/ wokujabula/ wokuthokoza
- ✓ Umoya wokuthula nokuzotha/ wokuthobeka
- ✓ Umoya wobuwula
- ✓ Umoya wokuxokozela
- ✓ Umoya wokuzithwala/ wokuzikhukhumeza/wokuziphakamisa
- ✓ Umoya wokuzigqaja
- ✓ Umoya wothando
- ✓ Umoya wenzondo
- ✓ Umoya wokuncenga/wokunxusa
- ✓ Umoya wokuncoma/wokutusa

- **INGWIJIKHWEBU**

Ingwijikhwebu kungaba yilezi zehlakalo eziba nesiphetho ebesingalindelwe ngumfundi wencwadi. Izehlakalo noma izimo ziyaye zilethe uheho endabeni noma zithokozise embhalweni uma ziphetha ngendlela umfundi abengayilindele.

**QAPHELA:**

Le ngwijikhwebu okukhulunywa ngayo embhalweni oyinoveli ingatholakala ezingxenyeni ezithile zenoveli. Kuyenzeka uthole ingwijikhwebu esiphethweni senoveli. Okubalulekile ukuqonda ukuthi maphakathi nenoveli kungaba khona izigameko eziphetha ngengwijikhwebu.

**Zine izinhlobo zengwijikhwebu:**

- **Ingwijikhwebu yamazwi akhulunywayo**
  Lolu hlobo umlingiswa uyaye asho okuthile endabeni kepha engaqondile kona lokho akushoyo. Usuke esho okuphambene nalokho akushoyo. Indida iba semagameni awakhulumayo kanye nalokho asuke ekuqondile ngalawo magama okuvame ukuqukatha incazelo eyehlukile.

- **Ingwijikhwebu eyisigameko esifihlelwe omunye umlingiswa**
  Le ngwijikhwebu ihambisana nesigameko esaziwa abafundi bendaba ngomlingiswa kepha lowo mlingiswa ebe engazi lutho ngalokho. Le ngwijikhwebu yona ingaphezu kwamagama nje akhulunywayo. Imvamisa kuye kuphambane amagama akhulunywa ngumlingiswa kanye nezenzo zakhe. Akushoyo nakucabangayo kuyaphambana nakwenzayo. Lokho kwenza abanye abalingiswa bangakuqondi asuke ekuhlosile.

- **Ingwijikhwebu ehambisana nezimo**
  Lolu hlobo luhambisana nobudlelwano phakathi **kwembangela, umthelela** kanye **nomphumela** ofanelekile. **Isibonelo** uma umuntu oyisigwili esinomona ebamba I- jackpot yeLotto ekubeni engenabo ubuntu bokusiza abanye abantu. Lokhu kubonakala njengesimo esingafanelekile.

- **Ingwijikhwebu engenabulungiswa**
  Lolu hlobo lwengwijikhwebu luvamise ukwenzeka kumlingiswa owenza okuhle bese kwenzeka izinto ezingalungile empilweni yakhe. Ukwenzeka kwezinto ezingalungile empilweni yakhe kudala lowo mlingiswa angabaze ubukhona bukaMvelingqangi.
  Leso sigameko esenzeka kuyena kwenza abuke umhlaba njengendawo enesihluku.

**UKULANDELANA KWEZIGAMEKO /IZEHLAKALO**

Lapha kubhekwa ukulandelana kwezehlakalo/ izigameko ukusuka ekuqaleni kuze kuyofika ekugcineni noma kuvuthondaba. Okubalulekile ukubheka ukuthi umbhali ukwazile ukulandelanisa izigameko, ukusuka ekuqaleni kuze kuyofika kuvuthondaba.

* Lokhu kusho isu elisetshenziswa ngumbhali ukuhlela izigameko zakhe ngendlela ezokwenza uheho nelukuluku kumfundi ngesikhathi efunda inoveli yakhe.

* Kuningi-ke angakwenza umbhali ukuhlela izigameko zakhe ngendlela ezokwenza indaba yakhe inongeke.
* Umbhali angayiqala indaba yakhe ngasekugcineni bese ehlehla nayo ngenhloso yokuvusa ugqozi lokufunda indaba kumfundi.

**UDWESHU**

Ukungqubuzana phakathi kwabalingiswa ababili noma ngaphezulu kumbe kuyena umlingiswa eyedwa. Udweshu luhlukaniseke kabili, olwangaphandle nolwangaphakathi. Udweshu lungasukela noma luphethe ngesigameko okanye lusukele kusigameko luphethe ngodweshu.

**Isibonelo:**

Udweshu lwangaphandle → udweshu lwangaphakathi → isigameko

Udweshu lwangaphakathi → udweshu lwangaphandle → isigameko

Isigameko → udweshu lwangaphakathi → udweshu lwangaphandle

Isigameko → udweshu lwangaphandle → udweshu lwangaphakathi

- **Udweshu lwangaphakathi:** lapha kusuke kungqubuzana imicabango kumlingiswa ethathe abeka engazi ukuthi uthatha siphi isinqumo.

**Udweshu Lwangaphandle:**

Lapha kusuke kungqubuzana abalingiswa ababili noma ngaphezulu. Bangaqophisana ngamazwi kwesinye isikhathi balimazane.

**ISAHLUKO SESI-2**

**UMLANDO WOMBHALI**

UDkt. Jabulani Canaan unguthisha odabuka eLennoxton eNewcastle. Wafunda eSt. Lewis Betrand's School yaseNcadu, waseqhubekela e-Amanzimtoti Training College. Iqhuzu lakhe lokuqala le-BA walithola laphaya eYunivesithi yakwaZulu. Amanye alandelayo i-BA Hons ne-B.Ed wawazuza eYunivesithi yaseNingizimu Afrika. *E-Michigan State University* eMelika wafundiswa nguSolwazi oqavile wesifazane uDarlene Clark Hine wasethola iziqu ze-MA (Ed. Admin.), MA (History), MA (Adlt. & Contn.Ed.) kanye ne-PhD. Wazuza iziqu ze-MA (Creative Writing) e-*Columbus University, e-Los Angeles*, USA.

Ngonyaka we-1993 wemukela umklomelo we-*African Heritage Literary Award* nomklomelo we-M-Net Book Prize ngebhuku elithi, Kushaywa Edonsayo, kwathi ngonyaka we-1994 wahlabana ngokuklonyeliswa nge-*African Heritage Literary Award* kanti ngonyaka we-1995 wemukela *i-M-NET* Book Prize ngebhuku elithi, Impi YabomDabu Isethunjini. Ngonyaka we-1998 waklonyeliswa nge-*Afircan Heritage Literary Award* ngebhuku elithi, "Uze Ungalokothi"! Izinkondlo zalo mlobi zitholakala nakuTsotso, ibhuku elikhishwa kane yiYunivesithi YaseZimbabwe.

Lo mlobi waziwa njengothishomkhulu wase-Amakholwa High School kanti waqala ukuphatha eBuhle Buyeza Secondary School, eMdlovana. Waphatha naseZibukezulu High School nakwaMpande High School, izikole eziseMgungundlovu. Uyisakhamuzi sase-Edendale lapho ekhunjulwa khona ngokuphosa induku ebandla. EMelika usebenza ukuqeqesha othisha ku-*Multiple Perspectives Teacher Education, eMichigan State of University*.

Umlobi wake wafundisa e-Albion College njengoSolwazi. OkaShenge ungumbhali onguthisha wothisha!

Lo mbhali uganwe ngu-Dkt. Sybil Thembekile Mazoe, uMaDlamini. Ezinye zezincwadi UDkt. Jabulani Canaan Buthelezi:

- Hhawu Bantabethu! (Zulu play)
- Uyadela Wena Osulapho! (Zulu poetry)
- Indebe Yami Iyachichima (Zulu novel)
- Nilibangisaphi Ma-Afrika? (Zulu novel)
- Lezi Zinkondlo Zami Zimbokodo (Zulu poetry)
- Izingqalabutho Zakithi KwaMalandela (Biographies)
- Poetry for the Young South Africans
- Ubaba uRolihlahla Dalibhunga Nelson Mandela: Ukhukhulela ngoqo wocwaningo.
- Made of Sterner Stuff
- Amakholwa High School
- Principals for the New South Africa
- Don't Squander our Dearly-bought Freedom
- Learn isiZulu: An Easy Way for Adult Learners.
- Side by Side: Poetry from a South Africa African and a Nigerian African
- Feminists Epistemologies and African Women's Ways of Knowing in South Africa
- The Dynamics of University Education Transformation in Post-Apartheid South Africa
- Bantu School Boards: Missed Opportunities of Community Involvement in Education

**IZIMO (BACKGROUND**)

- Le noveli **Impi Yabomdabu Isethunjini** ibhalwe ngaphansi kwezimo zoguquko lapha eNingizimu Afrika. Umbhali usivezela isithombe sokuguquguquka kwempilo yabantu. Indlela imizi yaseMlazi eyakhiwe ngayo, iveza isithombe sokuthi wonke umuntu uziphilela impilo yakhe. Kunomehluko phakathi kwempilo ephilwa ngabantu basemadolobheni nabantu basemakhaya. Ukungamukeleki kukaCele emzini kaBafana ngoba engazange abazise ukuthi uyeza kuyasigqamisa lesi sithombe.

- Umbhali unokudideka ngendlela abona ngayo inkululeko ishintsha isimo senhlalo. Le noveli ibhalwe ngesikhathi soguquko lokuzuzwa kwenkululeko lapha eNingizimu Afrika. Abantu abamnyama sebenamalungelo okuhlala nokufunda nabantu bezinye izinhlanga, kepha impilo yaseMlazi iyacacisa ukuthi baphelelwe ubuntu, akukho ukubambisana.

- Umbhali uveza isimo sasemadolobheni lapho sekuneningi labantu abangomlungumnyama ngoba bezifanisa nabelungu. Kungalesi sizathu uCele engamukelekanga emzini womshana wakhe

uBafana ngoba uBafana usephila impilo ephilwa emadolobheni. Kanjalo nesicelo sakhe sokuthi uBafana athathe izingane zikadadewabo uLinono asamukelekanga ngoba uBafana nomndeni wakhe baphila isilungu, bahlelele izingane zabo ezimbili kuphela, ngakho abakwazi ukuthatha lezi abangazihlelelanga. Emadolobheni akulinywa kodwa akuhlushekwa ngoba abantu basebenza emafemini nasezibhedlela. Akekho umuntu onake omunye ngoba bonke abantu banezimoto zabo abahamba ngazo nemindeni yabo.

- Umbhali uqhathanisa impilo yasemadolobheni nempilo ephilwa emakhaya. Le noveli inezigameko eziningi ezenzeka emakhaya endaweni yase Mpaphala KwaZulu-Natali. Umbhali usivezela ubuhle bale ndawo ngokwemvelo nangokuthi inokuthula. Kufuyiwe, kuyalinywa. Impilo iyakwazi ukuqhubeka noma ungasebenzi. Impilo engenabo ubukhazikhazi kodwa enobuntu, uthando nokwazisana. Emadolobheni abantu abayiswele imali kepha baswele ubuntu. Impilo iyaphithizela, abazali abanaso isikhathi sokukhulisa izingane zabo bathembela ko-anti abasizayo. Ezikoleni zasemadolobheni izingane zakhona azifundiswa ubuntu kanti ezikoleni zaseMpaphala nakuba izingane zeswele kodwa ziyafundiswa ukuzimela zisencane; njengoba sibona u-Uzithelile esebenza yonke imisebenzi neyabafana, uyalusa aze aye nasediphini.

- Umbhali usivezela ukuhlukana kwamazinga emfundo nokuthi imfundo ithuthukisa isimo senhlalo akukhathaleki ukuthi itholakala kuphi. Imfundo engahambisani nobuntu yenza ukuthi umuntu oyifundile abukele phansi abanye abantu, njengoba kwenzeka kuPoppie nakuBafana. Imfundo ehambisana nobuntu yenza ukuthi oHlanganisani no-Uzithelile bafunde baze baye phesheya kwezilwandle qede babuye bazokwenza umehluko endaweni yakubo eMpaphala.

- Umbhali usebenzise ukuqanjwa kwamagama abalingiswa kule noveli ukuqhakambisa isimo senhlalo. Ngenkathi umndeni wakwaNgubane usahlala emadolobheni bebebizwa ngamagama esilungu okungoMelody, Euthenasia, Poppie noJohn, kepha sebebuyele eMpaphala uPoppie usenguMaMthimkhulu, uMelody usenguVukuzithathe bese kuthi uEuthenasia usenguVikizitha. Lokhu kukhombisa ukuthi ukufunda kwethu nokuba nezinto akumele kusenze sikhohlwe noma sibukele phansi imuva lethu. Umbhali ucacisa ngokusobala ukuthi imfundo okuyiyona yona yiyona eyonqoba indlala kubantu abamnyama.

**INCWADI NGAMAFUPHI NGOKWEZAHLUKO**

**ISAHLUKO 1**

**ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SAHLUKO:**

- ✓ UBafana Mbhabhadisi Ngubane (uzalwa uQophitshe udadewabo kaCele)
- ✓ UNjini Cele (umalume kaBafana)
- ✓ USihluthu Madonsela (umkhaya kaCele osebenza njengonogada esitolo sikaMathanda Zwane)
- ✓ ULinono (udadewabo kaBafana okukhulunywa ngaye kulesi sahluko)
- ✓ U-Uzithelile kanye noHlanganisani izingane zikaLinono
- ✓ UMakesi (umlingiswa ucoshiswa amaqatha enyama yembuzi)

- ➢ UCele ufika emzini kaBafana engashongo ngenxa yendlala eMpaphala. Kuba nodweshu ngalolu daba lwezingane zikaLinono udadewabo, uHlanganisani kanye no-Uzithelile.
- ➢ UBafana unika uCele umalume wakhe ikhadi elinezinombolo zakhe ukuba amshayele ukuze bahlele ukuzombona angamane nje agulukudele. Kuphoqeleka ukuba uCele ayocuphiswa nguMadonsela ongumantshingelana esitolo sakwaZwane.
- ➢ UCele ujeqeza emuva ngenkathi emsiza uBafana engalandwanga nguyise ngisho sekukhishwe emsakazweni. UBafana ngaleso sikhathi wayeguliswa iphika, behlubule nendlala ithe bhe.
- ➢ UMadonsela uxoxela uCele ngempilo engenabo ubuntu yasemadolobheni kanye neyasemalokishini.

## ISAHLUKO 2

- **ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SAHLUKO:**
  - ✓ UBafana
  - ✓ UCele
  - ✓ UPoppie (MaMthimkhulu inkosikazi kaBafana)

- ➢ UCele ubuyela kwaBafana usayoncengela izingane zikaLinono kepha uBafana usamchitha. Umtshela ngomndeni wakhe ohlelekile owenela kahle emotweni ongadinge zingane ezizokwandisa isibalo. Uphuma ephatheke kabi uCele ngoba abekuzele kungalunganga.
- ➢ UBafana umamukela kahle umalume wakhe kulokhu nakuba engasamukeli isicelo sakhe.
- ➢ UBafana utshela umalume wakhe ukuthi indaba yezingane kowabo umuzi yengamelwe uPoppie. UBafana yena ubhekene nendaba yezinja kuphela.
- ➢ UBafana uyamangala ukuzwa ukuthi bebebabhalela izincwadi abaseMpaphala bebika ukugula nendlala. Isikhiye seposi sihlala kuPoppie.
- ➢ UCele iyamcasula indaba yokuthi kumele lolu daba lwezingane aluxoxe noPoppie. Ukubuka kuyisenzo sokusaba umkakhe.
- ➢ UBafana ubeka ukuthi ngokwesiZulu izingane zikaLinono ngezikaBafana.
- ➢ UBafana uveza ukuthi usamcasukele uLinono ngokuthola izingane engashadile futhi ethi wayemtshela ukuthi bazodlala ngaye abafana.
- ➢ UCele uphindela eMpaphala ephatheke kabi.

## ISAHLUKO 3

- **ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SAHLUKO:**
  - ✓ UCele
  - ✓ UMaKhumalo umalumekazi kaBafana ogane uCele
  - ✓ UKhanjana Kubheka
  - ✓ UHlanganisani kanye no-Uzithelile

- ✓ UStevensen umlungu okusebenza kuye uHlanganisani
- ✓ UDkt. Brebner obona uHlanganisani eqoqa izincwadi eyozifunda
- ✓ UZamaShenge nobeThubelihle
- ✓ UZenzele noSikhumbuzo (izimbangi zikaHlanganisani esikoleni)

**Izikole:**

- Ntambende Primary School (kufunda u-Uzithelile)
- Dkt Wallet B. Vilakazi High (isikole esiseGezinsila okwakufunda kuso UHlanganisani ehamba ngebhayisikili uma eya kuso)

- ➢ Kugqama ubuqhawe buka-Uzithelile okuthi noma eyintombazane kodwa uyakwazi ukuzivikela kubafana elusa nabo. Esikoleni uphumelela kalula nje. UHlanganisani naye uzidlela amahlanga esikoleni. Ubamba amatoho ezingadini. Usebenzela umlungu uStevensen, imali ayithola lapho uyalekelela ukuxosha ikati eziko ekhaya kwaCele. Uphinde adayise izinkowankowane uma ethola ithuba.
- ➢ Okunye okugqama kakhulu ngoHlanganisani uyathanda ukufunda izincwadi ezingamanoveli. Uze ubonwa uDkt. Brebner.
- ➢ Ubaba uCele ubikela uMaKhumalo ngakuthole eThekwini. Ubunzima abutholile ngesikhathi eyokhuluma noBafana.
- ➢ Umtshele nakubonile ngesikhathi u-Uzithelile elwa noKhanjana ngesikhathi belusile.

**ISAHLUKO 4**

- **ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SAHLUKO:**
  - ✓ UPoppie
  - ✓ UBafana
  - ✓ UMelody
  - ✓ UHlanganisani no-Uzithelile
  - ✓ Umathiloni Mkhize
  - ✓ Umathiloni Mngadi

- ✓ Umathiloni Gretta Dladla
- ✓ U-Tiffany Magnovitche (unobhala kaBafana)
- ✓ UMaXakushe (umama osiza endlini kaBafana)

- UPoppie unebhuku lakhe lase-Standard Bank, uBafana yena enelakhe lase-Trust Bank
- UPoppie unemoto yakhe i-*BMW* uthela uphethiloli egalaji lakwaNene
- UBafana unemoto yakhe *iMercedes Benz* uthela uphethiloli egalaji lakwaShembe
- UBafana noPoppie bayaxabana babanga udaba lokucelelwa kwezingane zikaLinono eMlazi
- UPoppie uxoxela ozakwabo omathiloni Mngadi, Mathiloni Dladla noMathiloni Mkhize ngezingane ezicelelwa ukuba bazithathe. Bahlukana phakathi ozakwabo, abanye bahambisana noPoppie kanti uMathiloni Mngadi benoMathiloni Mkhize bona abahambisani nalesi sinqumo sokungathathwa kwezingane zikaLinono nguPoppie.
- UPoppie uxabana noBafana ngezingane zikaLinono. Uphinde uxabana noBafana babanga indaba yokuthi unobhala wakhe uBafana uba yingxenye yezindaba zabo. UBafana useyihamba yedwa imibungazo yasemsebenzini wakhe.
- UPoppie uphatha kabi abantu abagulayo basemakhaya nabaseMpaphala esibhedlela.

**ISAHLUKO 5**

- **ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SAHLUKO:**
    - ✓ UMnumzane Wilson
    - ✓ UBen Martin
    - ✓ UWilliamson (impunga esebenza ukwenza itiye emsebenzini)
    - ✓ UBafana Ngubane

- UBafana udumaza uBen Martin ofisa ukusiza abantu abamnyama kepha uBafana uyaziqhathulula umtshela ukuthi yena akukho akuhlanganisa nabantu basemalokishini. Yena usonta esilungwini

**ISAHLUKO 6**

- **ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SAHLUKO:**
    - ✓ UPoppie
    - ✓ UMelody no-Euthenasia
    - ✓ UMaXakushe
    - ✓ UPrince insizwa yomlungu ezwana noMelody esikoleni abafunda kuso

➢ Umndeni wakwaNgubane awunaso isikhathi nezingane zawo. Izindaba zezingane zibhekene kakhulu nomama osizayo uMaXakushe. Uyena osengubaba nomama ezinganeni.

➢ UMelody uxoxela uMaXakushe ukuthi usethandana nomlungu onguPrince

**ISAHLUKO 7**

- **ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SAHLUKO:**
    - ✓ UJohn Ngubane
    - ✓ UDkt Thathezakhe Mdlalose
    - ✓ UMargaret MaNxumalo Mdlalose (unkosikazi kaDokotela Mdlalose)
    - ✓ UGumede (umakhelwane kaBafana)
    - ✓ UMaXakushe
    - ✓ UMelody no-Euthenasia
    - ✓ UMiss Hawkins

➢ UJohn Bafana Ngubane uyobonana noDokotela Mdlalose ababefunda naye ngenxa yokuthi izinto azihambi kahle emzini wakhe. UDokotela Mdlalose umtshela ngempakamo abanayo emzini wakhe uBafana ngoba abazani nomakhelwane.

➢ U-Euthanasia untshontsha imoto kaMiss Hawkins uya nayo eLindelani, eResevoir Hill nase La Lucia ngoba ethi ufuna ukuqhathanisa impilo yabantu abaphila ezindaweni ezahlukene.

➢ Kungokokuqala uBafana ebingelelana nomakhelwane wakhe uGumede uze amcele izigaxa zikapopo

- UBafana ufika ekhaya uhlangabezana nezindaba zokuthi umfana wakhe ubentshontsha imali kaMaXakushe uma emcela ukuba ayomposela yona UMaXakushe ubefaka emvilaphini amarandi angama-200 kepha yena njalo uma ethumela ahambise amarandi ayi-120 eposini ukuba iye ezinganeni zikaMaXakushe.

**ISAHLUKO 8**

- **ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SAHLUKO:**
    - ✓ U-Euthenasia
    - ✓ UFarook Vijay Moonsamy (usebenza esitolo lapho kuthenga khona u-Euthanasia izimpahla ezibizayo *eYoung Dreamers' Paradise kuGrey Street* eThekwini)
    - ✓ U-Dkt Zondi, u-Dkt Msomi nommeli Zwane (abantu ababalwa umdayisi wasesitolo ezama ukutshela uBafana ukuthi ingane yakhe ithenga nabantu abakhulu kulesi sitolo)
    - ✓ UBafana
    - ✓ UMaMthimkhulu
    - ✓ UMiss Hawkins
    - ✓ UMaXakushe
    - ✓ UMelody
    - ✓ UHlanganisani
    - ✓ UCele noMaKhumalo

- UBafana uthola ukuthi imali kaMaXakushe lena ebithathwa ingane yakhe u-Euthenasia ubethenga ngayo izimpahla eziphambili esitolo samaNdiya esikuGrey Street eThekwini
- Utshela uPoppie ngesenzo sika-Euthenasia kepha kube sengathi uPoppie uvuna ingane. Ufaka udaba lokuthatha imoto kaMiss Hawkins uyanqaphaza uPoppie uvikela ingane yakhe
- Uma ebuzwa u-Euthenasia ngalolu daba ukhombisa ukwedelela
- UPoppie uhlanganisa imali eyathathwa ngu-Euthenasia isiyonke ingamarandi ayizi-5000 ukhokhela uMaXakushe emva kwalokho uyamxosha.
- Ngenkathi uMaMthimkhulu esaphelezele uMaXakushe ukuyomgibelisa isitimela, u-Euthenasia usala uthatha izimpahla angakwazi ukuhamba nazo uyeqa ulibangisa eShowe eMpaphala.

- U-Euthenasia ufikela esikoleni lapho kufunda khona uHlanganisani e-*Wallet B Vilakazi High School.*
- UMaKhumalo uboleka amashidi azowendlala embhedeni lapho kuzolala khona u-Euthenasia. Ulaliswa egumbini labafundisi nezivakashi.
- AbakwaCele bamthela ngenyongo u-Euthenasia., ube esenikezwa negama lesiZulu uVikizitha.
- UCele ubona kufanelekile ukuba uBafana aziswe ngocingo ukuthi ingane yakhe ibalekele Eshowe.
- UVikizitha bamcela ukuba afunde iBhayibheli avule AmaHubo 103. Kuba inkinga nje ukufunda kuVikizitha
- UHlanganisani beno-Uzithelile baqala bafundisa uVikizitha indlela okuphilwa ngayo emakhaya ngoba babefuna abone ukuthi impilo yasemakhaya ayifani neyasedolobheni.
- UHlanganisani ushayela uPoppie ucingo. UPoppie ukhombisa ukwedelela kanti akazi ukuthi uHlanganisani umzela nezindaba ezimnandi zokuthi ukuphi u-Euthenasia.

**ISAHLUKO 9**

- **ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SAHLUKO:**
    - ✓ UBafana
    - ✓ UPoppie
    - ✓ UVikizitha
    - ✓ UVukuzithathe
    - ✓ U-Dkt Thathezakhe Mdlalose

- Kuyaqala kuba noshintsho emzini wakwaNgubane. Bayaqala manje bayabambisana ngokuhlanza indlu. Kepha kuqale ngokuthi uBafana aqale akhiphe inqwaba yezicathulo zakhe azihlanze. UPoppie uyazijuba uyamlekelela.
- Bayaqala balungisa isidlo ndawonye, baqala nokukhombisa ukuthanda izingane zabo
- Uyabuya uVikizitha eMpaphala, ufake isiphandla futhi useshintshile. Ukubonisa ngokukhuza uMelody uma kudliwa naye esethatha iwayini ethi uyalithela. Bayathuka abazali
- Umndeni wakwaNgubane uyathutha eMlazi, uyohlala eLa Lucia, umuzi waseMlazi wona bazama ukuwudayisa kepha awudayiseki. Bagcina ngokuthi baqashise ngamakamelo.

- Ziyashintsha izinto enkampanini kaBafana. Ingena ngaphansi kwenkampani entsha enabaqashi abasha, i- *Eagle American Amalgamated*

- UPoppie uqhuba izifundo zakhe nakuba uBafana engafuni ukuba uMthimkhulu N. aqhubeke nezifundo zakhe ze-PhD. Uqhubeka ngasese uma esemsebenzini ukuze kungabonakali ekhaya.

- UBafana unqabela UPoppie ukuba aye eManguzi ukuyoqoqa khona imininingwane yocwaningo lwakhe, izinyanga ezintathu.

**ISAHLUKO 10**

- **ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SAHLUKO:**
    - ✓ UMelody no-Euthenasia
    - ✓ UHlanganisani no-Uzithelile
    - ✓ UNgubane noMthimkhulu N
    - ✓ UZamaShenge

- Kuba nomncintiswano wokugijima obanjelwe eThekwini. Izingane zasemakhaya eMpaphala zidla umhlanganiso. Zikhala ngaphansi ezase-La Lucia

- UHlanganisani kanye no-Uzithelile bahamba bayolala eLa Lucia ngoba u-Euthenasia benoMelody babacelile ukuba bezolala nabo.

- UPoppie ukukhombisa ngokusobala ukuthi akazithandi lezi zingane zikaLinono. Uzibukela phansi izingane zasemakhaya eMpaphala.

- UPoppie wenza imizamo yokubulala oHlanganisani kepha uyahluleka.

- Izingane zakwaNgubane zidlulela phambili eGoli. Nakhona zifika zidla umhlanganiso. Ukuhlabana kwazo kwenza ukuba zedlulele phesheya.

- Kuwo lowo mzuzu u-Uzithelile uthola umfundaze wokufunda phesheya ngenxa yokuhlabana kwakhe ekugijimeni.

**ISAHLUKO 11**

- **ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SAHLUKO:**
  - ✓ UMthimkhulu N
  - ✓ UBafana Ngubane
  - ✓ UMonalisa
  - ✓ U-Euthenasia
  - ✓ UTerry Lewis (umqeqeshi wababaholi bakwa-*Eagle American Amalgamated)*
  - ✓ UPoppie Rachel Ngubane
  - ✓ UMagnovitch

➢ Ziyaqhubeka izinkinga emndenini wakwaNgubane okudalwa ukuthi uPoppie uqhubeka nokufunda kanti uBafana akathandi

➢ U-Euthenasia useyaqala ukukhononda manje uma kufanele ageze izitsha. Ubona kufanele umama uMaNdebele asale esewenza wonke lowo msebenzi

➢ UBafana uxabana noPoppie emva kokuba ethengele izingane imoto bengavumelananga.

➢ UBafana uyaphuma emzini wakhe wase-La Lucia uhamba uyofihla ikhanda emzini wabo omdala oseMlazi

➢ Inkampani iqasha umqeqeshi wabaholi ozobalekelela ukuba abaholi basebenze ngendlela ehambisana nesikhathi samanje. UTerry Lewis nguye onikezwe lowo msebenzi

➢ UBafana unikezwa izincwadi okumele azifunde ukuze akwazi ukuzithuthukisa kepha uyehluleka.

➢ UPoppie ufika emsebenzini kaBafana ukhuluma nomyeni wakhe kepha bobabili bayehluleka ukuthobelana. uBafana uyaphuma uyamshiya.

➢ UBafana uyopholisa ikhanda ngasehhotela elingasolwandle lapho avamise ukuhlala khona nabangane bakhe.

➢ UBafana ucela uMagnovitch ukuba amlethele izincwadi zakhe ezisale ehhovisi kepha uthola umyalezo wokuthi uPoppie uzithathile izincwadi wahamba nazo.

**ISAHLUKO 12**

- **ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SAHLUKO:**
  - ✓ UTerry
  - ✓ UBafana Ngubane
  - ✓ UMaMthimkhulu
  - ✓ UMaMthunzi (umasihlalisane kaBafana eMadadeni)
  - ✓ UPrisca (indodakazi kaMaMthunzi)
  - ✓ UNkebelele (isoka likaPrisca)
  - ✓ UMgwazeni (indodana kaMaMthunzi)
  - ✓ UGetro Masuku

- UBafana ushiya emsebenzini ngenxa yophuzo oludakayo. Uqamba amanga ukuthi izincwadi uzishisile uPoppie
- Ubamba amatoho ezindaweni ezifana naseMandeni nakoMadadeni.
- Imali ayithola emva kokuthengwa komuzi wakhe uyibhubhudla aze athenge nemoto i-*Lexus.*
- UBafana uphuza utshwala buze buyamgulisa bumngenisa ezibhedlela. Onesi bamphathisa okwenkosi. Isibindi sakhe sase sidlavazeke saphela ngenxa yotshwala.
- Uthola umasihlalisane uMaMthunzi owayekade eshadile kepha umshado wakhe washabalala. Umyeni wakhe uVuma Shawe wamshiya nezingane ezintathu
- UPrisca benesoka lakhe uNkebelele bantshontsha imoto kaBafana baya nayo ebhayisikobho. Bayayiginqa imoto uma sebebuya ebusuku bexhoshwa amalambu. Amaphoyisa ashayela uMaMthunzi ucingo ambikela ngokuthi ingane yakhe isesibhedlela ilimele engozini yemoto.
- UMaMthunzi ucela ukuthi unesi Thomo abayise esibhedlela bayobona uPrisca emva kokuthola ukuthi i-Lexus intshontshiwe.
- UMgwazeni usongela uBafana ukuthi uzomenza kabi uma ebophisa udadewabo ukuthi imoto uyithathe engayicelile. UBafana ufuna ukusho ukuthi imoto intshontshiwe ukuze kuzokhokha umshwalense.
- UBafana ulibangisa eThekwini, KwaMashu kumngane wakhe abazana naye kudala eManzimtoti uGetro Masuku/Msibi.

**ISAHLUKO 13**

- **ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SAHLUKO:**

    - ✓ UHlanganisani
    - ✓ U-Uzithelile
    - ✓ UVikizitha
    - ✓ UVukuzithathe
    - ✓ U-Euthenasia
    - ✓ UMelody
    - ✓ UPoppie
    - ✓ UZama Shenge usenguDokotela

- ➢ Izingane zakwaNgubane ziyaqhubeka nemfundo yazo ephezulu. UHlanganisani uqala ukuyofunda oNgoye lapho aqala khona ngo-B.A. akabe esabheka emuva. U-Uzithelile naye kuhamba kahle ezifundweni zakhe eMelika.

- ➢ UVikizitha naye uyakujabulela ukufunda esikoleni sabantu abamnyama. Naye ulandela uHlanganisani ufunda oNgoye.

- ➢ Izingane zakwaNgubane zontathu zifunda emanyuvesi aseMelika

- ➢ Izingane zakwaNgubane zikhuthaza uVukuz'thathe ukuba afunde yize esenezingane ezimbili. Eyokuqala ngekaPrince umlungu kanti eyesibili ngekaMandla insizwa ebhona isicathulo isikhathi eside.

- ➢ UDkt ZamaShenge Buthelezi ushadela kwaNgubane.

**ISAHLUKO 14**

- **ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SAHLUKO:**

    - ✓ USolwazi Yeni
    - ✓ UMkhwanazi
    - ✓ Ubaba uShandu
    - ✓ USakheyedwa Khuzwayo

- Laba izikhulumi ezaziphawula ngesikhathi **uDkt Uzithelile Siwelile Ngubane** oseneziqu zobudokotela ethula inkulumo yakhe kubantu. Wabe egcizelela ukuthi indlala yiyona ehlehlisela isizwe esimnyama emuva.

- Ugqugquzela abantu besifazane ukuba babambe iqhaza ekulweni nendlala kepha kumele bakhumbule ukuba bangathembeli kubantu besilisa

  - ✓ **Dkt Hlanganisani Funokuhle Ngubane**

- Naye useqalile ukuletha ushintsho eNyuvesi yaKwaZulu Ongoye lapho eqashwe ukuba asebenze khona.

- Ekhaya eMpaphala izinto sezigaya ngomunye umhlathi. Sekuphilwa kahle ngenxa yezingane zikaLinono

- UZenzele noSikhumbuzo babekade balandulela leli. Laba ngabafana ababeyizimbangi zikaHlanganisani.

**ISAHLUKO 15**

- **ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SAHLUKO:**

  - ✓ UZaneqiniso noNjabulo abazukulu bakwaNgubane
  - ✓ UGetro Msibi nodadewabo u-Alice Msibi (umhlolikazi wezikole oyithwasa)
  - ✓ USibeko (umakhelwane kaMsibi)
  - ✓ USadek (owomdabu waseNdiya lapho kuqashiswa khona ngezimoto)
  - ✓ UPoppie /uMaMthimkhulu
  - ✓ UCele kanye noMaKhumalo
  - ✓ Izingane zakwaNgubane (odokotela kanye nomalokazana uMaShenge)

- UGetro Msibi uhlanganisa udadewabo u-Alice Msibi ongumhlolikazi wezikole futhi oyithwasa umhlanganisa noNgubane

- UBafana ukipita nomhlolithwasa KwaMashu

- UBafana wenza iphutha kudedeleka imoto kaMaMsibi abeyigeza iyehla iyolimaza imoto kaSibeko *i-Mercedez*

- UBafana uhleli yedwa udlala amarekhodi akudala, avele ambe umgodi ngoba kwaba ngathi akhuluma naye lokho kwamenza aqhathe umunyu.

- UBafana uvuka ngakusasa ushona eThekwini uyothatha imoto azohamba ngayo ukuya eMpaphala. Wafika uSadek owomdabu waseNdiya esemlindile.
- UBafana uthatha imoto uqala uyodlula ngaseLa Lucia emzini wakhe. Uma edlula ngakhona ubona umkakhe ehamba nensizwa enehwanqa nobhebhenene wetshebe.
- UBafana uthatha imoto uyibhekisa ngasolwandle olusoThongathi ngoba kwakumi ingqondo kube sengathi ufuna ukuzibulala
- Owomdabu waseNdiya ohlala eChatsworth ucela ugwayi kuBafana owabe esahanjelwe ingqondo engazi ukuthi kumele enzeni. Lokhu kuxoxa nalo mdabu kumenza aguqula isinqumo sakhe sokuziphosa olwandle. Uthatha imoto uyibhekisa eShowe eMpaphala.
- UCele uyamamukela uBafana emzini wabo obizwa ngokuthi "Emfangidelile"
- Kufika uPoppie naye uze khona lapha eMpaphala ayengayifuni nokuyibona

**IMISEBENZI NGOKWEZAHLUKO**

FUNDA IZAHLUKO EZINTATHU BESE UPHENDULA IMIBUZO ELANDELAYO UKUZE UQINISEKE UKUTHI UYAYIQONDISISA IMINININGWANE EQUKETHWE YINDABA:

**4.1 ISAHLUKO SOKUQALA KUYA KWESESITHATHU**

(a) Kungabe yini eyayihlukumeza uCele?

(b) Chaza ukuthi isimo sokukhuluma esithi, " ikati lilele eziko" sisho ukuthini.

(c) Isenzo sikaBafana okukhulunywa ngaso esahlukweni soku-1 sinabo yini ubuntu? Sekela impendulo yakho.

(d) Indlela okuchazwa ngayo ukuhamba kukaCele kumveza njengomlingiswa onjani.

(e) Yini isisusa sodweshu esitholakala esahlukweni sesi-2?

(f) Ucabanga ukuthi kwakufanele uBafana azithathe izingane zikaLinono? Sekela impendulo yakho.

(g) Bunjani ubudlelwane bukaCele noPoppie njengoba buvezwe esahlukweni sesi-2?

(h) Igama elithi uNgajana ulithole kanjani uHlanganisani?

(i) Ukufunda izincwadi zababhali abampisholo baseMelika kuba namthelela muni empilweni kaHlanganisani? Sekela impendulo yakho.

**4.2 ISAHLUKO SESINE KUYA KWESESITHUPHA**

(a) Caphuna amazwi atholakala kulesi sahluko aveza ukuthi uMathiloni Mngadi unobuntu.

(b) Nikeza izizathu EZINE ezenza umndeni wakwaNgubane uhlukane phakathi ngokwesahluko sesi-4.

(c) Kungabe lokhu kwenza izinto ngokwehlukana kuba namthelela muni ezimpilweni zabo bonke abomndeni kaBafana?

(d) Kungabe isihloko esithi: Ngisonta e-St. Andrews Church siyahambisana yini nokwenzeka kulesi sahluko sesi-5. Sekela impendulo yakho.

(e) Ukubhoboka kukaMelody kugogo uMaXakushe hhayi kuPoppie kuvezani ngenhlalo yekhaya lakwaNgubane? Sekela impendulo yakho.

(f) Uyavumelana yini wena namazwi kaMaXakushe uma ethi izwe lonakele kangaka ngoba abadala abaxoxi namadodakazi namadodana abo ngezindaba zothando nezindaba zocansi? Sekela impendulo yakho.

(g) Ngokucabanga kwakho yini le eyenza uMelody angafuni lolu daba lukaPrince lutshelwe unina?

**4.3 ISAHLUKO SESIKHOMBISA KUYA KWESESISHIYAGALOLUNYE**

(a) Nikeza isizathu esenza uBafana abonane nodokotela uMdlalose owengamele ezokuhlalisana emindenini.

(b) Qhathanisa impilo ephilwa uDokotela Mdlalose kanye nephilwa uBafana emizini yabo. Caphuna amaphuzu AMABILI kulesi sahluko sesi-7.

(c) Inkulumo ephakathi kukaBafana noDokotela Mdlalose iveza uBafana njengomuntu onjani?

(d) Kungabe uyavumelana yini nokushintshwa kwendlela yokugqoka kwabesifazane uma sebeshadile? Sekela impendulo yakho.

(e) Igama lobuvezandlebe lisho ukuthini ngokwalesi sahluko sesi-8?

(f) Nikeza amaphuzu AMATHATHU enza uVikizitha azizwe eyivezandlebe e-West High School eseThekwini.

(g) Qhathanisa umuzwa ka-Euthenasia uma esesikoleni sakhe eWest High School esiseThekwini nalapho esesikoleni sikaHlanganisani e-Dkt. Wallet B. Vilakazi esiseShowe.

(h) Xoxa ngepolitiki evezwa yilesi sahluko sesi-8.

(i) U-Euthenasia walithokozela igama elisha afika waliqanjwa nguHlanganisani. Ucabanga ukuthi kwaba yini imbangela yalokho?

(j) Kunomthelela muni ukuthelwa ngenyongo kanye nokufakwa isiphandla empilweni yabomdabu. Kungabe lesi senzo singumkhuba noma isiko?

(k) Phawula ngokungqubuzana kwaleli siko nenkolo esikhathini esiphila kusona.

**4.4 ISAHLUKO SESHUMI KUYA KWESESHUMI NAMBILI**

(a) Nikeza amaphuzu AMABILI ezinto ezazenza u-Melody no-Uzithelile bafane ngokwalesi sahluko se-10.

(b) Qhathanisa ukubukeka kuka-Melody no-Uzithelile ngokwesizinda (indawo) ngokubhekisa kulesi sahluko se-10.

(c) Isenzo sika-Uzithelile sokuphelezela uMelody ahambe naye ukuyobhalisa simveza njengomlingiswa onjani?

(d) Phawula ngokuqanjwa kwegama Uzithelile. Bhekisa impendulo yakho kokwenzeka kulesi sahluko.

(e) Xoxa ngengxabano (udweshu) olutholakala kulesi sahluko se-11.

(f) Isimo sokukhuluma esithi: ‘ Azilime ziye etsheni’ sihambisana kanjani nokwenzekayo kulo mndeni otholakala kulesi sahluko se-11?

(g) Xoxa ngengxabano kaBafana noPoppie ngenkathi besemsebenzini kaBafana.

(h) Kuchaza ukuthini ukuthi uJohn Ngubane wabe esephilisa okwemvukuzane? Chaza kafushane ngokwalesi sahluko se-11.

(i) Ucabanga ukuthi kwaba isenzo esihle sokuba uJohn awushiye kanje umsebenzi? Chaza kafushane.

(j) Kwakubangelwa yini ukuba uMaMthimkhulu alunqabe usizo lwabakwa-Eagle American Amalgamated okuyinkampani uJohn ayesebenza kuyo?

(k) Leli gama likaJohnny ozishaya injinga liyahambisana yini nokwenza kwakhe uJohn esahlukweni se-12?

**4.5 ISAHLUKO SESHUMI NANTATHU KUYA KWESESHUMI NANE**

(a) Isimo sokukhuluma esithi, “ uMelody uphosa ithawula” sichaza ukuthini?

(b) Yimuphi umuzwa oqukethwe incwadi kaMelody?

(c) Kungabe kufanele yini ukuba abazali bakhethele izingane zabo abantu okumele bashade nabo?

(d) Ukuba ubungu-Melody ubona kuxoshwa abakhongi abazokhonga wena, ubungenzenjani?

(e) Uthini umbono wakho ngokuganana kwabantu abamnyama nabelungu.

(f) Yisho ukuthi inkulumo uyithula kuphi u-Uzithelile Siwelile Ngubane?

(g) Kungabe leli gama likaSiwelile lihambisana kanjani nezenzo zomninilo?

(h) Xoxa ngesifundo esitholakala empendulweni kaSiwelile ngenkathi ephendula uSolwazi.

(i) UCele ungumuntu okholwayo kepha ongawakhohliwe amasiko. Xoxa kafushane ukusekela lesi sitatimende.

(j) Kungabe kubaluleke ngani ukuthi umuntu ahlambuluke uma onile? Sekela impendulo yakho.

**ISAHLUKO SESI-3**

**AMASU OKUHLUZA NJENGOBA ESETSHENZISWE KULE NOVELI**

**Indikimba**

Indikimba umongo wendaba, ibheka umqondo jikelele noma lokho indaba ekhuluma ngakho. Indikimba ingethulwa ngegama elilodwa kumbe ngebinzana nje lamagama. Kule noveli indikimba kungaba ubuntu noma imfundo nemfundiso.

**Umyalezo** yilokho umbhali ahlose ukukwedlulisela kubafundi noma emphakathini ngombhalo wakhe. Kungaba ukuqwashisa, ukukhuthaza, ukufundisa ngesimo esithile nokunye. Lokhu kuvama ukwethulwa ngomusho ophelele.

**Imiyalezo ingahlukana izinhlobo ezimbili:**

Umyalezo ohambisana nencwadi yonke

- Imfundo ibalulekile ukuguqula isimo sempilo.
- Izinyoni zindiza phezulu kodwa amanzi ziwaphuza phansi.
- Isihlahla asinyelwa.

Umyalezo oyamaniswa nabalingiswa abathile

- Kumele uma usufundile ungakhohlwa imvelaphi yakho. (uBafana)
- Ukubekezela kuzala impumelelo. (u-Uzithelile noHlanganisani)
- Umuntu ngumuntu ngabanye abantu. (uPoppy noBafana)

**Izibonelo zomyalezo wale noveli ezichaziwe:**

- **Akukuhle ukuba ungabasizi abanye abantu ngesikhathi usazibona ungcono/isondo liyajikajika:**

  Lo myalezo ubhekiswe emndenini wakwaNgubane waseThekwini. UBafana noPoppie bala ukhasha ukuthi bamukele isicelo sikamalume wabo uCele sokuthatha izingane zikaLinono. Bazibukela phansi izinto ezihambisana nendawo yaseMpaphala. Laba bantwana ababukelwa phansi baphenduka baba utho. Kugcina uBafana esebuthwa yizo lezi zingane ayengazifuni.

  Kanjalo noPoppie uphelela khona eMpaphala uma umndeni usuhlangene. Izingane ziyabamukela ngezandla ezimhlophe yize zazi kahle ukuthi babengazifuni nalapho zihambe khona.

**Noma**

- **Ukubekezela kuzala impumelelo:**

  Lokhu kubhekiswe emndenini wakwaNgubane eMpaphala. Izingane zikaLinono ezikhula ngaphansi kwesandla sikaCele kunzima ukuba ziphile impilo engcono. Babekezelile, bafunda baze bagcina sebeyizifundiswa ezinkulu. Ngaphandle kwemfundo babuye basebenzise nekhono lokugijima, bazimisela kulona bagcina sebephumelele. U-Uzithelile uze uthola umfundaze wokuyofunda eMelika ngenxa yekhono lakhe lokugijima.

**Isibonelo indikimba yobuntu:**

- Kusuka esethulweni senoveli umbhali utshengisa ukuphela kobuntu. UBafana Mbhabhadisi Ngubane uxosha uNjini Cele umalume wakhe osuka eMpaphala engasamnikanga ithuba lokwethula eze ngakho. UBafana uxosha umalume wakhe ngoba ethi akashongo ukuthi uyeza.
- Ubuntu butshengiswa uSihluthu Madonsela ngokucuphisa uNjini endlwaneni ahlala kuyo uma egadile esitolo sikaMathanda Zwane. UMadonsela ubuye umcebisa ngamasu okufanele awasebenzise ukuze umshana wakhe agcine emnike indlebe. UMadonsela ungumkhaya kaNjini Cele nakuba esehlala edolobheni kodwa akakhohliwe omakhelwane bakhe basemakhaya eMpaphala. Lobu buntu ubuye abakhombise ngokucoshisa uMankesi odlula ngendlela amaqatha enyama yembuzi.
- Ubuntu abukho kuBafana ngokunqaba ukuthatha izingane zikadadewabo uLinono ezazizocelelwa uCele ngoba ebona ukuthi bona benoMakhumalo abasenawo amandla okuzikhulisa. UBafana unqaba ngokuthi lokho kuzophazamisa izinhlelo zomuzi wakhe.
- UCele ukhombisa ukuba nobuntu nakuba bengezwani noBafana ngenkulumo kodwa uyayidabukela indodana kaBafana u-Euthenasia uma eyibona ixinwe yiphika, uyayithandazela iyasinda.

- UPoppie ukhombisa ukungabi nabo ubuntu ngoba uyanqaba uthi ngeke azithathe izingane zikadadewabo womyeni wakhe zaseMpaphala. Kwala ngisho esencengwa ngabanye abahlengikazi asebenza nabo. Lesi senzo sakhe sivunyelwa nawuzakwabo abasebenza naye uMathiloni Dladla.

- UMathiloni Mngadi yena uphikisana nalokhu okukhulunywa uPoppie. Uthi yena angazithatha zonke izingane zomyeni wakhe. Lokhu kukhombisa ukuthi uMathiloni Mngadi unobuntu uma umqhathanisa nalaba abanye.

- UBen Martin ukhombisa ubuntu ngokufuna ukuyolekelela amasonto abantu abamnyama emalokishini. Uthola ukuthi uBafana afisa ukusebenzisana naye ubatshela ukuthi yena nomndeni wakhe basonta esilungwini. Abazi lutho ngokwenzeka emalokishini.

- UHlanganisani no-Uzithelile banobuntu ngoba bamemukela kahle u-Euthenasia eMpaphala, bamfundisa nemisebenzi yasemakhaya nakuba abazali bakhe benqaba ukuhlala nabo.
- U-Uzithelile ukhombisa Ubuntu ngenkathi eluleka uMelody ngezindaba ezithinta uthando kanye nezinqumo eziphusile okumele azithathe.
- Ubaba uDlamini umabhalane wediphi uyehluleka ukutshengisa Ubuntu ngokungavumelani nesicelo sika-Uzithelile sokusondeza isikhathi sediphu ukuze angeke aphuthwe yizifundo zezibalo esikoleni.
- U-Euthenasia utshengisa ubuntu ngokucelela izingane zaseMpaphala ukuba zizolala kubo eLa lucia ngenkathi zize emqhudelwaneni wokugijima. Ucela ukuba badle balale ndawonye, ngokwenzenjalo kwaba ukuvikeleka kwabo ekudleni ushevu owawuhlelwa uPoppie.

**(Nezinye izibonelo ezinembayo)**

**Izibonelo zendikimba yemfundo nemfundiso**

- UBafana noPoppie bafundile kodwa abanayo imfundiso. Basonta emasontweni abelungu nakuba behlala eMlazi. Izingane zabo zifunda ezikoleni zabelungu. Lokhu kudala ukuba bazikhukhumeze, babukele phansi abanye abantu.
- UPoppie ufundile kodwa imfundiso akanayo. Akazi ukuthi kumele ahloniphe umyeni wakhe. Kugcina yena uma kunengxabano. Lokhu kudala ukuthi kungabi bikho ukuthula emzini kaBafana nakuba becebile.
- U-Uzithelile noHlanganisani bakhuliswa uCele ngemfundiso yasekhaya baphinde bafunda ezikoleni zasemakhaya, bayahlonyiswa ngamakhono okuphila. Sibathola benza imisebenzi ethile ukuze balekelele ukuxosha indlala ekhaya. UHlanganisani usebenza ezingadini. U-Uzithelile yena uyelusa adiphe nezinkomo, babuye batshale izihlahla zezithelo ezizodayiswa ezimbonini eMandeni. Bafunda kahle kakhulu futhi nemizimba yabo iyalolongeka, sibathola behamba phambili nasemqhudelwaneni wokugijima.
- Imfundo nekhono lokugijima yikhona okwenza ukuthi u-Uzithelile agcine ethola umfundaze wokuyofunda phesheya.

- UMelody no-Euthenasia bafunda ezikoleni zabelungu kodwa ekhaya ayikho imfundiso ngoba abazali abanasikhathi sabo, baze baphephele kuMaXakushe ongumsizi wasekhaya. Lokhu kwenza ukuthi babe nezinkinga. U-Euthenasia untshontsha imoto kaMisi Hawkins, uphinda akhwabanise nemali kaMaXakushe ngoba efuna ukuthenga izimpahla ezibizayo. UMelody yena uze utholela ekhaya abantwana ababili.
-

**Mfundi qhubeka ukhiphe nezinye izibonelo ezikhona endabeni bese usekela ngamaphuzu owacaphune encwadini.**

**UDWESHU**

Ukungqubuzana phakathi kwabalingiswa ababili noma ngaphezulu kumbe kuyena umlingiswa eyedwa. Udweshu luhlukaniseke kabili, olwangaphandle nolwangaphakathi.

- **Udweshu lwangaphakathi:** lapha kusuke kungqubuzana imicabango kumlingiswa ethatha ebeka engazi ukuthi athathe siphi isinqumo.

**Izibonelo zodweshu lwangaphakathi**

- Sithola uCele ezibuza eziphendula ukuthi enze njani njengoba umfana kadadewabo esemxoshise okwenja nje?
- Siyaluthola futhi udweshu lwangaphakathi kuBafana lapho ezwa ukuthi indodana yakhe u-Euthenasia untshontshe imoto kathisha wakhe. Ucabanga ukuthinta abameli bakhe kodwa ubuye uyazikhuza.
- Siyaluthola futhi udweshu lwangaphakathi kuBafana ngenkathi ekwaMaMsibi, imoto kaMaMsibi isishayise iMercedez Benz kamakhelwane ngenxa yephutha lakhe, manje akazi ukuthi alilungise kanjani leli phutha. Ucabanga ukuthi izikweletu anazo uzozikhokha ngani, eseLexus, imali yokukhokhela iMercedez kamakhelwane, nezinye izikweletu.

**Mfundi zibhekele ezinye izibonelo ezithinta udweshu lwangaphakathi**.

**Udweshu Lwangaphandle:**

Lapha kusuke kungqubuzana abalingiswa ababili noma ngaphezulu. Bangaqophisana ngamazwi kwesinye isikhathi balimazane.

**Isibonelo:**

- Le noveli ivula ngodweshu phakathi kukaCele noBafana. UBafana uqala ngokunqaba ukungenisa uCele emzini wakhe ngoba ethi akashongo ukuthi uyeza. UCele ugcina esizwa nguMadonsela ngokumcuphisa kwazise kwase kuhlwile.
- Siyaluthola futhi udweshu lwangaphandle lapho uBafana enqaba ukuthatha izingane zikaLinono ezicelelwa indawo nguCele.
- Udweshu phakathi kuka-Uzithelile noKhanjana baxabana ekwaluseni kuze kuholela ekutheni u-Uzithelile amshaye amehlule uKhanjana.
- UPoppie uxabana noBafana babanga ukuthi uBafana akafuni ukumtshela ukuthi umalume wakhe uCele ubezofunani futhi wangafuna nokuthi ambingelele. UBafana uzithethelela ngokuthi ubengeke athande ukuthi umalume wakhe ambone nezingubo zokugijima ezithe ne emzimbeni.
- UPoppie noBafana babanga ukuthi ubani ozosiza izingane ngomsebenzi wesikole. UPoppie utshela uBafana ukuthi ukuze umshado uhambe kahle kufanele bahlukaniselane ngokulingana.
- UPoppie uxabana noMathiloni Mngadi babanga ukuthi uPoppie kufanele athathe izingane zikaLinono. UPoppie uze enze isibonelo ngodadewabo ongamlalelanga ngenkathi ethi akahlele. Udadewabo akazange amhluphe ngokuthi alethe ingane kuye. Nalezi zikaLinono uyanqaba ukuzithatha.
- UBafana simthola engaboni ngaso linye noBen Martin ofuna ukusiza abantu abamnyama emabandleni aseMlazi, KwaMashu, Chesterville kanye naseLamontville. Into yokuqala abayibangayo igama likaMbhabhadisi elenza uBafana athukuthele ngoba ngokwakhe leli gama elabantu abangafundile.

**Mfundi qhubeka ukhiphe nezinye izibonelo ezikhona endabeni bese usekela ngamaphuzu owacaphune encwadini.**

**ABALINGISWA ENDABENI:**

Abalingiswa abantu ababamba iqhaza elibalulekile endabeni ngoba badlulisa imibono noma imicabango yombhali. Abalingiswa bayahlukana ngezinhlobo zabo kanye neqhaza labo endabeni. Kukhona umlingiswa osemqoka/omkhulu, kube khona abalingiswa ababalulekile kanye nabalingiswa abancane.

**Umlingiswa omkhulu/osemqoka**

Lo mlingiswa indaba yakhelwe phezu kwakhe. Zonke izigigaba /izigameko zehlela yena. Uyena obhekana nezinkinga. Lo mlingiswa kufanele sisheshe simthole noma sethulelwe yena. Uma singamkhipha endabeni, indaba ngeke ikwazi ukuqhubeka. Lo mlingiswa simbiza ngokuthi umlingiswa osemqoka/omkhulu.

- ✓ Kule noveli umlingiswa omkhulu/ osemqoka uBafana John Mbhabhadisi Ngubane.
- ✓ Nguyena esimthola ebhekene nezinkinga ezinkulu kule ndaba.
- ✓ Simthola elahlekelwa imvelaphi yakhe.
- ✓ Uchithekelwa umuzi wakhe uhamba ehlala emzini yabantu ngoba ebalekela ukulungisa izinkinga zakwakhe

**Mfundi, qhubeka wenezele amanye amaphuzu aqinisekisa ukuthi kungani uMbhabhadisi engumlingiswa osemqoka.**

**Abalingiswa Ababalulekile**

Laba balingiswa babalulekile njengegama labo ekukhuliseni indaba. Baneqhaza elikhulu abalibambile ekukhuliseni indaba ize ifike kuvuthondaba. Basondelene nomlingiswa omkhulu.

Kule noveli laba balingiswa yilaba: uNjini Cele; uPoppie uMaMthimkhulu; uHlanganisani, u-Uzithelile; u-Euthenasia noMelody.

**Abalingiswa Abancane**

Laba balingiswa baneqhaza elincane endabeni. Indaba ingaqhubeka noma bengekho. Nabo bayelekelela ukukhulisa indaba ngokwandisa izinkinga kumlingiswa osemqoka / omkhulu. Nazi izibonelo zabalingiswa abancane: uMadonsela; uKhanjana; uMaKhumalo, uMathiloni Mngadi; uMathiloni Dladla; uMathiloni Mkhize; uBen Martin, uMaXakushe; uDkt. Thathezakhe Mdlalose, uFarook, uTerry Lewis, uMaMthunzi, uMaMsibi, uMgwazeni, uPrisca nabanye.

**UMLINGISWA OYINDILINGA:**

- ✓ Lona umlingiswa oshintshashintshayo endabeni.
- ✓ Siyamthola uBafana eguquka endleleni yokuziphatha emva kokubonana noDkt. Mdlalose, simthola esekwazi nokukhulumisana nomakhelwane wakhe uGumede ecela upopo, ubuye athembise kuMaXakushe ukuthi usezothatha indawo yakhe njengendoda ekhaya, nokho konke lokho kuyashintsha uma esethethiswa nguPoppie ukuthi ungenaphi emsebenzini wakhe.
- ✓ Kule noveli sithola uBafana engumlingiswa oyindilinga ngoba ekuqaleni simthola engafuni lutho olumhlanganisa neMpaphala kodwa ekugcineni ubuyela ekhaya eMpaphala lapho afika azehlise khona.

**UMLINGISWA OYISICABA:**

- ✓ Lona umlingiswa ongashintshi oveza icala elilodwa kusukela ekuqaleni kuze kuyophela.
- ✓ Unjini Cele uvezwe njengomlingiswa olungile othobekile ukusuka eqaleni kuze kuyofika ekugcineni.

**UKUVEZWA KWABALINGISWA:**

- ✓ **Abalingiswa bangavezwa abanye abalingiswa**.
  **Isibonelo:** Sithola uCele ekhuluma nomkakhe uMaKhumalo ngoBafana, umveza njengomuntu oyinkubela ongakwazi ukuyibamba impi yobubi futhi akasona isibani kanye nesifundiswa.

- ✓ **Bangaqanjwa amagama ahambisana nezenzo zabo**
- ✓ **Isibonelo:** UBafana simthola enzisa okomfana omncane. Simthola ehamba ehlala ekipita nabantu besifazane.

- ✓ **Bangavezwa ngendlela abagqoka ngayo**
  **Isibonelo:** UBafana ngendlela ayegqoke ngayo ngenkathi eyobonana nomnumzane Ben Martin, kwakutshengisa ukuthi ungumuntu ozithandayo nangendlela ayecole ngayo izinzipho namasokisi awagqokile.

- ✓ **Bangaziveza bona ngezenzo zabo**
  **Izibonelo:**

i. **UBafana Ngubane**:
   - **Ungumlingiswa ongenabo ubuntu**. Lokhu sikuthola ngenkathi exosha umalume wakhe uCele obezocelela izingane zikaLinono indawo yokuhlala.
   - **Ungumlingiswa ozithwalayo** –utshela uBen ukuthi yena usonta kobelungu nezingane zakhe zifunda kobelungu.
   - Akakwazi ukubhekana nezinkinga zomndeni – Simthola ebaleka kwakhe emva kokuxabana nomkakhe uPoppie.

**ii.** **UPoppie / MaMthimkhulu:**
   - **Ungumlingiswa odelelayo** – ngenkathi ekhuluma noHlanganisani ocingweni uthi makasheshe asho isizathu sokushaya kwakhe ucingo.

- **Ungumlingiswa ozithwele** – ukuqhakambisa lokhu ngenkathi ekhuluma noBafana emtshela ukuthi ubufamu ngeke abukhipha kuye emva kweminyaka bashada. UPoppie indlela aphendula ngayo umyeni wakhe uBafana imveza njengomuntu ongenanhlonipho.

**iii. UNjini Cele:**

- **Ungumlingiswa oyikholwa** – ngenkathi ebuya eMlazi uqala ngokuthandaza ngaphambi kokuba abikele uMaKhumalo ngohambo lwakhe.
- **Ungumlingiswa onobubele** – ukhulisa izingane zikadadewabo uBafana noLinono uze uthatha izingane zomshana wakhe uLinono zihlala naye kwakhe. Simthola emukela uBafana eMpaphala kodwa yena wayemxoshile eMlazi.

**Iv. U-Uzithelile:**

- **Ungumlingiswa okwazi ukuzimela nokulwela ilungelo lakhe** – Simthola eshaya uKhanjana omedelela ekwaluseni.
- **Ungumlingiswa ophokophelele impumelelo** – simthola ecela kumabhalane wediphu ukuthi isikhathi sediphu sisondezwe ukuze akwazi ukuphuthuma esikoleni.
- **Ungumlingiswa onentshisekelo yokuletha intuthuko emphakathini** - Simthola ehamba esiza abantu bomphakathi.
- **Ungumlingiswa ohlakaniphile** - Simbona ethola umfundaze wokufunda eMelika.

**Mfundi qhubeka ukhiphe nezinye izibonelo ezikhona endabeni bese usekela ngamaphuzu owacaphune encwadini.**

**ISAKHIWO**

Isakhiwo senoveli siwukubumbeka kwendaba ukusuka ekuqaleni kuze kuyofika ekugcineni. Kubhekwa izingxenye ezintathu ezikhipha umbhalo ophelele. Lezi zingxenye kuba isethulo (isingeniso), umzimba kanye nesiphetho. Kufanele sizibuze ukuthi indaba yethu yethulwa kanjani (isingeniso) iqhubeka kanjani (umzimba) bese iphetha kanjani (isiphetho).

**Amabanga esakhiwo:**

- **Isethulo (Isingeniso)**
  - ✓ Sethula umlingiswa osemqoka/omkhulu
  - ✓ Sethula isisusa sodweshu
  - ✓ Sethula isizinda ikakhulukazi indawo lapho indaba izogxila khona.

- o **Umzimba**
    - ✓ Ukubhebhetheka kodweshu
    - ✓ Isixakaxaka
    - ✓ Uvuthondaba

  (isu lokujeqeza emuva kanye nesu lokubikezela)

- o **Isiphetho**
  - ✓ Uvuthondaba / ipholavuthondaba (Ibohlololo)
  - ✓ Ingwijikhwebu (akusiwo wonke amanoveli aphetha ngengwijikhwebu).

**ISETHULO (ISINGENISO)**

Esethulweni yilapho sethulelwa khona umlingiswa osemqoka noma omkhulu, isisusa sodweshu kanye nendawo lapho indaba kungenzeka igxile khona. Lolu dweshu olutholakala esingenisweni yilo oludala uheho okwenza ofundayo anamathele encwadini njengenomfi ngoba efisa ukuthola ukuthi kuyogcinaphi futhi kanjani.

Esethulweni sale noveli "Impi Yabomdabu Isethunjini" umbhali usethulela umlingiswa omkhulu/osemqoka okunguBafana Ngubane Isisusa sodweshu sidalwa uCele osuka eMpaphala uzocela umshana wakhe uBafana Ngubane ukuba athathe izingane zikadadewabo uLinono okunguHlanganisani kanye no-Uzithelile.UBafana ushaya phansi ngonyawo, akase mukeli isicelo sikaCele. Uzibona ephila impilo ehlukile kunaleyo ephilwa emakhaya eMpaphala. Lokhu kudalwa ukuthi yena uzibona efundile futhi ephila impilo yesimanje nephucuzekile. Lesi senzo sidala uheho kumfundi wenoveli. Ugcina esefuna ukwazi ukuthi yini ezolandela. Kuba khona nelukuluku lokufuna ukwazi ukuthi lezi zingane ezinqatshwa ngumalume wazo zizogcina zenze njani.

Ngokwendawo umbhali wethula indaba yakhe ngokusebenzisa indawo yaseThekwini eMlazi emzini kaBafana. Okuyindawo yasedolobheni. Lokhu kukhombisa ukuthi indaba izogxila eThekwini.

**UMZIMBA**

**Ukubhebhetheka kodweshu**

Lesi isigaba lapho udweshu oluqale esethulweni selukhula. Le nkinga esiyithole esethulweni/esingenisweni isiyaqala iyasabalala. Umlingiswa osemqoka uzama imizamo yokubhekana nale nkinga.

- ✓ Emva kokunqaba kukaBafana ukuthatha izingane zikaLinono, uCele ubuyela emuva eMpaphala ngenduku yombangandlala. Ngesikhathi esendleleni ebheke ekhaya esuka eMlazi ubona u-Uzithelile elwa noKhanjana. U-Uzithelile uyintombazane kanti uKhanjana ungumfana. Konke lokhu kwenzeka lapha ekwaluseni.

- ✓ UPoppie uxabana noBafana ngoba engafuni ukumtshela ukuthi umalume wakhe uCele ubezothini. UBafana uzithethelela ngokuthi ubengafuni ukuba umalume wakhe abone uPoppie egqoke izingubo ezithe ne emzimbeni zokuzivocovoca. UPoppie naye ushaya phansi ngonyawo ngokuthi akazifuni izingane zasemakhaya la emzini wakhe.
- ✓ UPoppie uxabana nomyeni wakhe uBafana ngokuthi ubani okumele alekelele izingane ngomsebenzi wesikole. Okukhalisa uPoppie kakhulu ukuthi umyeni wakhe akanaso isikhathi asichitha nezingane zakhe. Ayisaphathwa eyomndeni wakhe, isikhathi esiningi usesichitha nabangani bakhe.
- ✓ UPoppie akaboni ngaso linye noMathiloni Mngadi ngoba yena ebona isenzo sikaPoppie sokungamukeli izingane zikaLinono singafanelekile.
- ✓ UBafana kuvela ubuze bakhe okungukubekela phansi abantu abamnyama. Lokhu kwenzeka ngesikhathi exoxa noBen Martin ofuna ukuyolekelela amasonto abantu abamnyama emalokishini afana njengoMlazi, KwaMashu, Lamontville kanye naseChesterville.
- ✓ UBafana akathandi ukubizwa ngegama lesiZulu likaMbhabhadisi. Uqhoshela uBen ukuthi yena usonta esilungwini. Izingane zakhe zifunda ezikoleni zabelungu.
- ✓ UMaXakushe ulekelela ekuhlanzeni indlu yakwaNgubane eMlazi, usegcina eselekelela nezingane zikaBafana noPoppie ukwenza umsebenzi wesikole.
- ✓ Uma isimo siya ngokushuba emzini kaBafana, uya kuDokotela uMdlalose. UDokotela uyamtshela uBafana ukuthi baziphakamisa kakhulu.
- ✓ UBafana uthola ucingo oluvela esikoleni lumbikela ngokuthi u-Euthenasia usentshontshe imoto kaMiss Hawkins. Imoto uyithatha uya eLindelani, Reservoir Hills kanye naseLa Lucia.
- ✓ Kuphinde kuvele ukuthi u-Euthenasia ubenza ubuqili uma eposa imali kaMaXakushe. Uposa imali engaphelele enye uyayikhwabanisa.
- ✓ UPoppie uxabana noBafana ngemuva kokuzwa ukuthi uMaXakushe ubikele yena ukuthi u-Euthenasia ubekhwabanisa imali yakhe. Lokhu kuholela ekutheni uBafana ahambe ethi ushaywa ngumoya kanti uzobuya uPoppie esexoshe uMaXakushe.
- ✓ U-Euthenasia uyeqa ulibhekisa eMpaphala. Bayamamukela bamhlabela imbuzi bamfaka isiphandla. Uthola negama elisha likaVikizitha.
- ✓ UPoppie uxabana noHlanganisani ngenkathi emshayela ucingo efuna ukumtshela ukuthi indodana yabo ikuphi. Ugcina esemnikeza ithuba lokumlalela. Uthola lezi zindaba ezimthusayo zokuthi indodana yakhe ibalekele eMpaphala.
- ✓ Ekubuyeleni ekhaya kukaVikizitha, bayaqala manje nabo oPoppie baba nothando lwabantwana babo.
- ✓ Izinkinga ziqala phansi uma uPoppie efuna ukuyokwenza iziqu ze-PhD(zobudokotela)
- ✓ UHlanganisani kanye no-Uzithelile badla umhlanganiso kwezokugijima. Bashiya izingane zasemadolobheni okukhona kuzo no-Euthenasia
- ✓ Izingane zikaLinono zifikela kwaPoppie ukuzomela iNingizimu Afrika emqhudelwaneni wokugijima. UPoppie ufikelwa usathane wokubulala lezi zingane. Uyehluleka. Zidlulela eGoli nakhona futhi ziyanqoba.
- ✓ U-Uzithelile uthola umfundaze wokufunda eNyuvesi yaseMelika.

- ✓ Ukuxabana kuqala phansi emva kokuba uPoppie noBafana bengasayi kwaDokotela uMdlalose.
- ✓ UPoppie uthengela ingane imoto engavumelananga noBafana.
- ✓ UBafana uyaphuma emzini wabo oseLa Lucia uyohlala emzini wabo oseMlazi. Lo ababehlala kuwo phambilini ngoba ungakadayiseki.
- ✓ Emsebenzini kaBafana inkampani yakhe ithengwa inkampani yaphesheya i-Eagle American Amalgamated. Lolu shintsho luza nezinguquko zokuthi kuhlolwe ukuthi abasebenzi banamakhono afanele yini kule misebenzi abayenzayo. UBafana naye wahlolwa uTerry Lewis, ufunyanwa ukuthi akanawo amakhono adingekayo.
- ✓ UTerry Lewis ube esemnikeza izincwadi ukuthi azifunde ukuze athuthukise ulwazi analo. Ube esemnqumela ukuthi abe eseziqedile ezinsukwini ezintathu.
- ✓ UPoppy uzama ukudala uxolo ngokuthi avakashele uBafana emsebenzini ukuba azomncenga abuyele ekhaya kepha akwenzekanga lokho, kunalokho uBafana uvele wamshiya ehhovisi ngoba uPoppie ubesemthethisa. uPoppie ugcina ehamba nezincwadi ebezifundwa nguBafana ngenhloso yokuthi amlandele ezozilanda.
- ✓ UBafana akazimiselanga ukuzilanda ukhetha ukuthenga ezinye kodwa amagama akasawakhumbuli. Kugcina kuphela isikhathi engazifundanga izincwadi. Uya emsebenzini eyobika inkinga yakhe. Emsebenzini bazwelana naye bazama nokumsiza kodwa ukhetha ukuyeka umsebenzi.

**Isixakaxaka**

Lesi isigaba lapho izinkinga ezibhekene nomlingiswa osemqoka/omkhulu zikhula kunokuba zixazululeke, uzithola ebisha kakhulu kunakuqala.

- ✓ Kudayiseka umuzi eMlazi, imali adayise ngayo umuzi uthenga imoto kanokusho i-Lexus Le mali uyibhubhudla ngotshwala. Uselala avuke ngabo.
- ✓ Ulibhekisa eNyukhasela. Lapha eNyukhasela waziwa ngoJohnny ozishaya inkinsela. Uhamba ngemoto kanokusho i-Lexus kodwa engenayo indawo yokuhlala ngoba edayise umuzi.
- ✓ Ngenxa yokucwila kakhulu ezinkambeni zikaFaro udamane ehlaselwa ukugula.
- ✓ Lapha eNyukhasela uthola umasihlalisane wakhe onguMhlengikazi uMaMthunzi.
- ✓ UPrisca nesoka lakhe uNkebelele bathatha imoto kaBafana baya ngayo ebhayisikobho. Imoto iyagingqika, iyaphela indaba yayo. UBafana usala engasenalutho.
- ✓ Umfowabo kaPrisca uMgwazeni ohlala eGoli uyalela uJohhny ozishaya inkinsela ukuba asule icala uma engafuni ukubona okuthile.
- ✓ Ubalekela kumngane wakhe eManzimtoti uGetro Masuku/ Msibi okuyilapho athola ukwazana nodadewabo kaGetro okungu-Alice umhlolithwasa ohlala kwaMashu.

- ✓ UBafana simthola esehlala KwaMashu nethwasa uMaMsibi. Ukuhlala kwakhe akukuhle laphaya kwaMhlolithwasa. Uthunyiswa okwengane, uwasha izimpahla zangaphansi, aphehliswe ubulawu abuye ashayele ithwasa ihlombe uma selivukwe yidlozi.
- ✓ Ekuhlaleni kwakhe simthola ehlelwa esinye isigameko futhi. Simthola elimaza imoto kamakhelwane kaMaMsibi uSibeko. Lokhu kumdalela amazinyo abushelelezi ngoba umfana wakwaSibeko wayesho ukumqeda, kodwa ukhuzwa uyise.
- ✓ UBafana ulalela umculo ovela kuma-CD ayonomlayezo amfikisela umunyu/usizi, usecabanga zonke izinsizi zakhe zokuthi imoto kaMaMsibi isishayise iMercedez kamakhelwane ngenxa yephutha lakhe, manje akazi ukuthi alilungise kanjani leli phutha. Ucabanga ukuthi izikweletu anazo uzozikhokha ngani, esokukhanda i-Lexus, imali yokukhokhela iMercedez kamakhelwane.
- ✓ UMaMsibi uqashela uBafana imoto uyamtshela ukuthi unesinyama kuhle abuyele ekhaya eMpaphala ukuyolungisa izinto zakhe. Uthatha imoto leyo udlula ngakwakhe eLa Lucia ubona umkakhe ehamba nehwanqa lensizwa. Kwahlwa emini kuBafana. Waqonda olwandle ngoba ecabanga ukuyoqeda ngempilo yakhe. Kulowo mnyama kuqhamuka owomdabu waseNdiya umcela ugwayi. Waxoxa ngendaba yokuzibulala ukuthi ayilungile. Owenza njalo uya esihogweni.

**Uvuthondaba**

**Uvuthondaba** lwenoveli kuvamise ukuba kube isigameko esikhulu lapha kuphenduleka khona imibuzo yonke ebesilokhu sizibuza yona. Abanye ababhali bavamise ukuyiphetha kulona uvuthondaba.

- ✓ UNgubane ugcina ephindele eMpaphala wemukelwa ngezandla ezimhlophe umalume wakhe uCele benonkosikazi wakhe uMaKhumalo.Kuthi kusenjalo kutheleke uHlanganisani noVikizitha befika noMaMthimkhulu.Bobabili bavuma amaphutha, bayaxolisa koHlanganisani no-Uzithelile.Benzelwa idili elikhulu kwabulawa izintondolo ezimbili. UCele wabathela ngenyongo. Izinkinga zikaNgubane ziyaxazululeka.

**ISIPHETHO**

Kulesi sigaba umbhali usuke esesonga indaba yakhe.  Isimo sisuke sebuyela kwesejwajelekile. Kungenzeka ukuba isimo singaphethi ngendlela ebesiyilindele. Kule noveli umbhali uyiphethe ngepholavuthondaba.

**Ipholavuthondaba**:

- ✓ Lena ingxenye yencwadi etholakala emva kovuthondaba

- ✓ Le noveli inalo ipholavuthondaba. Lapha umbhali usitshela ukuthi umndeni wonke wakwaNgubane usuhlala eMpaphala, uMaMthimkhulu utholelwa umsebenzi wokufundisa eNyuvesi YakwaZulu, uBafana uqhubeka nezifundo zokuphatha amapulazi ngoba uselekelela uHlanganisani epulazini.

- ✓ U-Uzithelile yena uqhubeka nomkhankaso wakhe. Ungenela ukhetho lwerijini ebalula ukuthi aboMdabu kabanakudla ivoti, kodwa sebekhathele indlala bentula imisebenzi, izindawo zokuhlala ngoba nje bechilizelwa eceleni kwezombangazwe, kwezemfundo nakwezomnotho.

- ✓ U-Uzithelile ufuna imihlaba iphendulwe amapulazi okukhiqiza ukudla ukuze ikati lingalali eziko. Umzabalazo wawusebhodweni nasesiswini ngokusho kwakhe.

**Isu Lokubikezela**

Leli yisu elibika ngezinto ezizokwenzeka ekuhambeni kwesikhathi. Umbhali angasebenzisa inkulumo, isigameko noma isimo semvelo.

- ✓ Sithola uCele ephimisa amazwi athi, "lukhulu luyeza luyanyelela ngenkathi ecabanga ngendlela axoshwe ngayo uBafana ngenkathi ethi akathathe izingane zikadadewabo uLinono". Lokhu kwakubikezela ukuthi impilo kaBafana inobungozi yayingaphephile. Ngempela kwenzeka njengokusho kukaCele.
- ✓ Isigameko sika-Euthenasia sokuntshontsha imoto kaMiss Hawkins. Imoto uyithatha uya eLindelani, Reservoir Hills kanye naseLa Lucia. Umndeni wakhe ugcina usuthenga umuzi khona eLa Lucia.
- ✓ Isigameko sika-Euthenasia eya esikoleni sikaHlanganisani e B.W. Vilakazi uzizwa amukelekile lokho okwakubikezela izinguquko ezizayo ngempilo yakhe.

**Isu Lokujeqeza**

Isimo lapho umlandi noma umlingiswa ekhumbula isigameko esithile esake senzeka ngaphambilini esinokuhlobana nokwenzeka ngaleso sikhathi endabeni.

- ✓ UCele ujeqeza emuva lapho ecabanga ngenkathi ethatha izingane zikadadewabo uQophitshe eyoshadela kwenye indawo. Zazingondlekile kahle yikho azidabukela. Ukukhumbula konke lokhu kangangoba kumvusela izilonda. Lokhu ukucatshangiswa wukuthi naye ubeze kuBafana ongumalume walezi zingane enethemba lokuthi uzozamukela azikhulise njengoba naye enza kubona.

- ✓ UDokotela Thathezakhe Mdlalose, ukhumbuza uBafana ngezenzo zempakamo nokubukelana phansi esafunda oNgoye okuyinto esamphethe namanje.
- ✓ UBafana ekukhuleni kwabo benoLinono wathenga amarekhodi omculo wawagcwalisa indlu, uLinono yena wathenga ifenisha wagcwalisa indlu. Lokhu kumveza njengomlingiswa owayevele ehluleka ukumelana nezimo zempilo okanye ukuthatha izinqumo eziphusile.

**ISAKHIWANA**

Isakhiwana siyindatshana ephelele etholakala ngaphakathi endabeni enkulu. Abanye bangayifanisa nendaba emfushane etholakala kunoveli ephelele. Le ndatshana kumele ibe nomlingiswa osemqoka. Idingida isigameko esisodwa. Okunye okumele ukuqaphele
ukuthi le ndatshana etholakala kunoveli kungenzeka ingalandelani njalo ize iyofika ekugcineni. Kungenzeka uthole indatshana ephelele isuka ekuqaleni ize iyofika ekugcineni. Okubaluleke kakhulu ukuthi isakhiwana lesi sinokuxhumana okukhulu nomlingiswa osemqoka.

Isibonelo Sesakhiwana kule noveli

**UJohnny ozishaya injinga (uBafana) eMadadeni uhlushwa izingane zikaMaMthunzi**

**Isingeniso**

UJohnny umlingiswa osemqoka/omkhulu kulesi sakhiwana ufika ekhaya likaMaMthunzi eMadadeni, uzoba umasihlalisane wakhe. UMaMthunzi unezingane ezintathu zasemshadweni wakhe wokuqala kwaShawe. Emva kokwaliwa nguShawe ube esethola izingane ezimbili kobaba abehlukene. Inkinga ebhekene noJohnny ukuba ubaba walezi zingane ezingasazi isandla sikababa, ekubeni naye engenalo uthando lwezingane.

**Umzimba**

- Uyazama uJohnny ukuqoqa izingane eziwuvanzi, kodwa uyahluleka.
- UMaMthunzi uyazizwela izingane ngoba azinayise, uma ethi uyaqondisa uJohnny bagcina bexabana noMaMthunzi.
- UMaMthunzi uze ambhinqe ngokubiza izingane zikaBafana zaseThekwini ngezingelosi noma oGabrieli, naseLa Lucia njengaseZulwini.
- Ingxabano iyakhula phakathi kukaMaMthunzi noJohnny. uMaMthunzi uthengisa uJohnny izimpahla eziningi zikaPrisca ngenkathi eya ekholiji. Kwagcwaliswa amasuthikesi amathathu aze angangena ebhuthini yeLexus.

- Uthe efika nje esikoleni uPrisca waqhubeka nokucela imali ekhaya. Ucela imali yezincwadi, imali yokudla ngoba okwasekholiji kuyinhlama, ucela imali yodokotela ngoba uphethwe umkhuhlane, kwaphinde kwavuvuka izinyawo.
- Ekupheleni kwenyanga yesithathu uPrisca esesikoleni, uMaMthunzi uthola ucingo oluthi makasheshe alande uPrisca esikoleni ngoba uyagula. Uma befika bathola ukuthi uPrisca akaguli kodwa ukhulelwe izinyanga sezinhlanu. Okusobala ukuthi uhambe ekhaya evele ekhulelwe.
- Kulesi simo uMaMthunzi wakhombisa ukumvuna uPrisca. Akazange amthethise ngoba ecabangela ukuthi njengomuntu ozithwele, akufanele aphatheke kabi ukuze ingane ingezophazamiseka.
- UJohnny iyamcasula indlela uMaMthunzi amvuna ngayo uPrisca.
- Intukuthelo kaJohnny ipholiswa yintshumayelo yomfundisi ababeyilalele emotweni eyayikhuluma ngentethelelo.
- Indodana kaMaMthunzi uMgwazeni yena uhlala eGoli ebuya ngoKhisimuzi, uzenza ohloniphayo kodwa ebiza uJohnny ngobaba ojola nomama.
- Uphuza utshwala noJohny isikhathi esiningi. Ubuhlobo phakathi kukaMgwazeni noJohnny buyalimala ngenkathi uMgwazeni ecela ukuthi uJohnny amfakele imali eyizi –R8000.00 ufuna ukufaka idiphozithi endlini afuna ukuyithenga. UJohnny uyehluleka ukuhlanganisa le mali kodwa ugcina emthumelela imali eyizi-R5000.00. UMgwazeni akangayibonga waze wambuza ukuthi uyitholile yini?
- uPrisca noNkebelele bathatha imoto kaJohny iLexus baya ngayo ebhayisikobho ebusuku, imoto iyagingqika, bayalimala kanzima. uMaMthunzi uvuswa ucingo olumbikela ngokuthi ingane yakhe isesibhedlela kade isengozini yemoto.
- UMaMthunzi akakukholwa lokho uze akholwe ngoba esezibonela ukuthi uPrisca akakaze alale ekamelweni lakhe. Uvusa uJohnny ukuba amphelezele kuyobonwa uPrisca esibhedlela.
- UJohnny uyacasuka ngoba iyamcika indaba yokulokhu esizana noPrisca ongenandaba nempilo yakhe. UJohnny ugcina evuma ukuthi aphelezele uMaMthunzi ngoba esethembisa ukuthi uma engafuni ukumphelezela uzocela unesi Thomo.
- UJohny noMaMthunzi bayethuka uma bengayiboni iLexus lapho ihlala khona ekubeni isikhiye esiphethe uJohnny. Bayaxabana futhi bebanga ukuthi uJohny ufuna ukubikela amaphoyisa ngokunyamalala kwemoto ngaphambi kokuthi kuyiwe esibhedlela.
- UMaMthunzi uthi akuqalwe ngesibhedlela ngoba kuthiwa impilo kaPrisca isengozini, imoto bazobuye bayibone.
- Kucelwa unesi Thomo ukuthi abaphuthumise esibhedlela, kodwa uJohnny yena ucela ukushiywa esiteshini samaphoyisa ayobika ngokuntshontshwa kwemoto yakhe.
- UMaMthunzi nonesi Thomo bathe uma bebuya esibhedlela badlulela lapho ingozi yenzeke khona. Abawakholwanga amehlo abo ngenkathi bebona imoto iLexus isiyisigaqana ithathwa iloli.
- Unesi Thomo ubuza uMaMthunzi ukuthi sihlalaphi isipele sokhiye weLexus. uMaMthunzi uhamba ukuyosibheka kodwa wafica ukuthi awukho.
- UJohnny kwamthukuthelisa kakhulu ukuthola ukuthi nguPrisca othathe izikhiye zemoto yakhe.

- UMgwazeni uyabuya ezobona udadewabo. Ufika utshele uJohnny ukuthi asule icala ngoba uma engalisuli uzombulala. UJohnny uyazama ukumchazela ukuthi uma esula icala ngeke ukhokhe umshwalense kodwa kuba nhlanga zimuka nomoya.

**Isiphetho/Uvuthondaba**

UJohnny uyavalelisa kuMaMthunzi uyabaleka uyashiya eMadadeni ebalekela uMgwazeni, ubuyela eThekwini.

**Isikhiwana- 2**

**Ukuxoshwa kukaMaXakushe**

**Isingeniso:**

Umlingiswa osemqoka kulesi sakhiwana nguMaXakushe. Utshelwa nguNgubane ukuthi akamtshele noma yini ephathelene nezingane ngoba naye akasezukuba yisibukeli emzini wakhe. La mazwi amfica vele enenkinga abesecabanga ukuyixazulula ngokuthi ahambe uma engasitholi esinye isixazululo esingcono. Lesi sakhiwana senzeka emzini kaBafana oseMlazi.

**Umzimba:**

- UMaxakushe uqala angamethembi uNgubane ukuthi ngempela useshintshile, uze ambone ngoba esebingelela umakhelwane ecela nopopo.
- UMaxakushe ubikela uBafana ngo-Euthenasia osephuma esandleni.
- Umbikela ukuthi imali abeyithumela ekhaya u-Euthenasia ubeyikhwabanisa ifike ekhaya ingasaphelele. U-Euthenasia uyena obembhalela izincwadi eziya ekhaya, amfundele ezivela ekhaya aphinde amposele nemali abeyithumela ekhaya.
- Uyakuveza ukuthi unobufakazi bokuthi u-Euthenasia ubemfundela into engekho, futhi nemali ayithumelayo iya ngokuncipha.
- UMaXakushe ucela uMaDlungwane ukuthi amfundele incwadi ayethe u-Euthenasia inkomo ithengiwe ekhaya njengokusho kukaMaXakushe ukuze kwande ubisi. UMaDlungwane uyalandula kunalokho uthi incwadi ibika indlala enkulu ekhaya. UMaXakushe usecela uMelody ukuthi naye amfundele. Naye aphinde lokhu obekufundwe nguMaDlungwane.
- UMaXakushe uyasola ukuthi uMelody umtshelile u-Euthenasia ngendaba yencwadi ngoba usembuka kabi.
- uNgubane uyabuza ukuthi pho ubengasho ngani uMaXakushe, uyasho uMaXakushe ukuthi akalitholanga ithuba ngoba uMaMthimkhulu uhlale engenasikhathi, ngisho embizile exoxa naye kusuke kukhona okunye akwenzayo.

- uMaXakushe uyaveza ukuthi yena ubefake imali engama-R200.00 emvilophini, kwathi encwadini efundwe u-Euthenasia izingane zabonga ama-R200.00 awaposile, kuthe incwadi isifundwa nguMaDlungwane kuvela ukuthi izingane zibonge imali eyi-R120.00 eziyitholile.
- Uyakuveza uMaXakushe ukuthi ubengajabula uma imali yakhe ingabuyiswa ngokuthatha kule efakelwa u-Euthenasia.
- uNgubane uthembisa ukuthi imali uzoyibuyisa yonke futhi ahambe naye ukuyomthengela inkomo endalini. Usecela ukuba uMaXakushe angayikhulumi le ndaba ku-Euthy ngoba usafuna ukuphenya ukuthi wenzani ngemali.
- Nempela uma eselwenzile uphenyo ubikela uMaMthimkhulu, uMaMthimkhulu akakholwa ukuthi indodana yakhe ithenga izimpahla ezibiza ngale ndlela.
- uNgubane uyamtshela uMaMthimkhulu ukuthi u-Euthy ubentshontsha imali kaMaXakushe.
- UMaMthimkhulu kunokuba azwelane noMaXakushe ukhwela uyadilika kuNgubane uthi uhlangane noMaXakushe yena bamkhiphele ngaphandle.
- UMaMthimkhulu uthukuthela kakhulu, ubiza uMaXakushe uyamthethisa,
- uNgubane washaywa ngamahloni esezibona ehlulekile ukuvikela uMaXakushe kunkosikazi wakhe, wagcina ngokuphuma wahamba.

**UVUTHONDABA**

- UMaMthimkhulu uthi uzonika uMaXakushe imali eyizi-R5000.00, bese emkhulula ukuba ahambe abuyele ekhaya ngabo lobo busuku.

**ISIPHETHO**

UMaMthimkhulu uxosha uMaXakushe uyomgibelisa isitimela ebusuku. ngehora le-11:15

**ISIZINDA**

Isizinda sehlukene izingxenye ezintathu; indawo inkathi kanye nesimo senhlalo.

Okubalulekile kakhulu ngezingxenye zesizinda ukuthi zigqamisa ukuthi indaba yenzeka nini, kuphi nokuthi isimo senhlalo sinjani.

- **Indawo**

  Uma sikhuluma ngendawo sibheka lapho inoveli yenzeka khona. Kungaba yindawo yasemakhaya noma edolobheni. Kule noveli indawo iyathutha iqala eThekwini eMlazi emzini kaNgubane okuyisedolobheni, uhlala endlini kanokusho uhamba ngezimoto eziphambili. Umbhali ubuye athinte indawo yasemakhaya eMpaphala eShowe. Abantu balapha baselusa, badiphe futhi balime.

  - ✓ Eshowe - EMpaphala - Umuzi kaNjini Cele benoMkhumalo uhlala noHlanganisani no-Uzithelile.

- ✓ EThekwini – Umlazi (Umuzi wokuqala kaBafana noPoppie)
- ✓ EThekwini – Isipingo Beach (indawo kaDokotela Mdlalose ozama ukulapha uBafana noPoppie njengoba kwase kuqale ingxabano phakathi kwabo.)
- ✓ EThekwini – La Lucia (Umuzi othengwa uPoppie ogcina usudala ingxabano phakathi kukaBafana kanye naye)
- ✓ ENewcastle –Emadadeni (kulapho uBafana ayesehlala khona noMaMthunzi umama kaPrisca.)
- ✓ EThekwini KwaMashu- (Umuzi kaGetro Masuku/Msibi lapho obekuqashe khona uBafana aze abonane noMhlolikazi Msibi).
- ✓ EThekwini KwaMashu (Emzini kaMhlolikazi oba nobuntu ngokululeka uBafana ukuba abuyele ekhaya ukuze izinto zakhe zizomlungela.
- ✓ EThekwini – U-Tongaat Beach (Indawo lapho uBafana ezama ukuzibulala uze ukhuzwa ngowoMdabu waseNdiya.
- ✓ United State of America – Michigan – (Yilapho okwakufunda khona u-Uzithelile).
- ✓ Ongoye- I-Nyuvesi yakwaZulu (Yilapho okwakufunda khona uHlanganisani benoVikizitha).
- ✓ United State of America – Califonia- Los Angels (Yilapho okwakufunda khona uHlanganisa benoVikizitha).

Mfundi usungabheka namanye amaphuzu agqamisa indawo

**Inkathi**

Uma sibheka inkathi sibheka isikhathi indaba eyenzeka ngaso okungaba inkathi yamanje, inkathi yasendulo noma inkathi yezinguquko.

- ✓ Le noveli yenzeka enkathini yezinguquko lapho izingane zabantu abamnyama sezikwazi ukuyofunda ezikoleni zabelungu.
- ✓ Abantu abamnyama sebekwazi ukuhlala endaweni okwaziwa ukuthi ihlala abelungu kuphela. Njengoba kwenza umndeni wakwaNgubane. Umndeni wakwaNgubane usuka eMlazi uyohlala eLa Lucia.
- ✓ Abantu abamnyama nabo sebeyakwazi ukuba sezikhundleni eziphezulu. UBafana Ngubane usesikhundleni esiphezulu emsebenzini wakhe. UPoppie naye esibhedlela

unguMathiloni kanye nabanye abahlengikazi okungoMathiloni Mngadi, Mathiloni Mkhize kanye noMathiloni Dladla.

- ✓ Abantu abamnyama sebeyakwazi ukusonta nabelungu njengoba umndeni wakwaNgubane usonta nabelungu.
- ✓ Abelungu abasababukeli phansi abantu abamnyama. UHlanganisani usebenza engadini, ubonwa uDkt. Webner ukuthi uyakuthanda ukufunda izincwadi. Uyamnika nezinye okumele azifunde.

  Mfundi usungabheka namanye amaphuzu agqamisa inkathi

**Isimo senhlalo**

Lapha sibheka indlela abalingiswa abahlalisene ngayo.

- ✓ Kule noveli isimo siqala singesihle, uBafana umxoshisa okwenja umalume wakhe emzini wabo benoPoppie. UBafana uhlala ngokuxabana nomkakhe uMaMthimkhulu.
- ✓ Isimo senhlalo asisihle emzini kaBafana. Kuneziqhingi ezikhona. UBafana uhamba yedwa uma eya esontweni. UPoppie yena kumele ahambe nezingane.
- ✓ Ukungabi bikho kokubambisana phakathi kukaBafana kanye nonkosikazi wakhe. UPoppie unake izingane kanti uBafana umsebenzi wakhe ukubheka izinja.
- ✓ Kuneziqhingi emndenini wakwaNgubane:
  - o Isiqhingi saseMpaphala eMzini kaCele nesaseThekwini emzini kaBafana.
  - o Isiqhingi saseMlazi. UBafana akezwani nomakhelwane bakhe. Akungenelwana.
  - o Isiqhingi sasemsebenzini kaPoppie. UPoppie udla noMathiloni abathile ngesikhathi senhlabakhefu.
- ✓ Izingane zakhe azinayo inhlonipho. U-Euthenasia uze antshontshe imali kaMaXakushe.
- ✓ UMaMthunzi uxabana noBafana bebanga imoto eyayintshontshwe uPrisca kanye nesoka lakhe uNkebelele. Indodana kaMaMthunzi uMgwazeni ize imsabise ngokuthi akahambe asule icala.
- ✓ UMaMsibi nomakhelwane uSibeko abahlalisene kahle emva kokuba uBafana eshayise imoto yakhona.
- ✓ Sibuye isimo senhlalo sibuyele kwesejwayelekile ngenkathi uBafana ebuyela eMpaphala.
- ✓ Imindeni iyabuyisana bese kuba nedili elikhulu. UBafana noMaMthimkhulu bayaxolisa. Bayaxolelwa ngezenzo zabo ezimbi.

**UMOYA NENGWIJIKHWEBU**

Kulesi sigaba kubhekwa ukuthi abalingiswa baphatheke kanjani endabeni. Kuyenzeka uthole ukuthi abalingiswa abaphathekile kahle ngenxa yezimo ezithile. Lokho kuphatheka kabi kwabo, kubenza ukuba benze izinto ezithile ezigcina zinobungwijikhwebu.

**Isibonelo:**

UCele ufika emzini kaBafana isimo sisihle. Ukufika kwakhe engashongo/ bengamlindele kudala umoya wentukuthelo kuBafana. Lo moya uze uholele ekutheni uBafana enze isenzo esinobungwijikhwebu sokuthi amxoshise okwenja umalume wakhe, engakezwa nokuthi uzothini.

- **UMOYA**

Umoya embhalweni wobuciko uchaza indlela noma umuzwa umlingiswa asuke ekuwo ngaleso sikhathi. Lo muzwa uvezwa ukusetshenziswa kwamagama athile ngabalingiswa ngesikhathi bekhuluma. Kokunye umuzwa ungavezwa indlela umlingiswa acabanga ngayo. Umbhali angasebenzisa amagama ukusethulela umuzwa wabalingiswa abatholakala embhalweni.

**Izinhlobo zomoya ezingatholakala embhalweni wobuciko:**

➢ **Umoya wokudideka**

**Isibonelo:**

✓ UNjini Cele unomoya wokudidekile ngendlela emukeleka ngayo uma ebika udaba lwezingane zikaLinono.
✓ UBen Martin ufikelwa umoya wokudideka ngenkathi ekhuluma noBafana ngezinhloso ezinhle zokusiza abantu abamnyama basemalokishini. Iyamdida impela indlela uBafana amphendula ngayo yokungazihlanganisi nabantu abamnyama.
✓ UTerry Lewis uyadideka uma ebona uBafana esenciphile emzimbeni emva kwesonto bebonene ngenkathi emnika izincwadi zokuthuthukisa ikhono lakhe ukuze ezoba usizo enkampanini.

➢ **Umoya wentukuthelo/wokucasuka**

**Isibonelo:**

✓ UPoppie ufikelwa umoya wokucasuka ngenkathi u-Euthenasia emazisa ngendaba yokufunda eNyuvesi yakwaZulu. Ubuye acasulwe nayigama abamqambe lona eMpaphala lokuthi unguVikizitha.
✓ U-Uzithelile ucasulwa Ukhanjana ekwaluseni baze bagcina ngokulwa.

- **Umoya woxolo/wokuthethelela**

  **Isibonelo:**

  - ✓ UCele ukhombisa umoya woxolo noma wentethelelo ngenkathi exolela umndeni wakwaNgubane.
  - ✓ UHlanganisani no-Uzithelile baxolela umalume kanye nomalumekazi wabo njengoba enqabe ukuba abathathe nkenkathi basebancane.

- **Umoya wokwenama/ wokwesasa/ wokujabula/ wokuthokoza**

  **Isibonelo:**

  - ✓ Ukufika kuka-Uethenasia esikoleni sikaHlanganisani uyamjabulela kakhulu umzala wakhe kanye naseMpaphala bamamukela kahle.

- **Umoya wokuthula nokuzotha/ wokuthobeka**

  **Isibonelo:**

✓ Umoya uyavela lapho uPoppie noBafana bebuya kwaDokotela Mdlalose ekwalulekweni

- **Umoya wobuwula**

  **Isibonelo:**

✓ UBafana ufikelwa umoya wobuwula ngenkathi edayisa umuzi uthenga imoto ebizayo usala engenayo indawo yokuhlala.

- **Umoya wokuxokozela**

  **Isibonelo:**

✓ Usemzini kaBafana noPoppie bexabana bebanga indaba yezingane zaseMpaphala, indaba kaPoppie yokuqhuba izifundo, ukuthengelwa kwengane imoto, ukungenelela kukaBafana ezindabeni zezingane ezinganganyelwe nguye njl.

✓ Ukuxokozela emzini kaMaMthunzi kudalwa yindlela izingane eziziphethe ngayo

- **Umoya wokuzithwala/ wokuzikhukhumeza/wokuziphakamisa**

  **Isibonelo:**

  - ✓ UPoppie noBafana bebukela phansi abantu abamnyama. Abafuni lutho olubahlanganisa neMpaphala.

- **Umoya wokuzigqaja**
  **Isibonelo:**
  - ✓ UDokotela Mdlalose akayikhohliwe imvelaphi yakhe nakhuba esefunde waze waba udokotela.
  - ✓ U-Uzithelile ukhombisa umoya wokuzigqa/ ukuzethemba ngenkathi ethula inkulumo emhlanganyweni womkhankaso wakhe. Uphonselwa inselelo uSolwazi ngokumfaka imibuzo ezomehlisa isithunzi.

- **Umoya wothando**
  **Isibonelo:**
  - ✓ UMaXakushe ukhombisa umoya wothando; uthanda izingane, umndeni wakhe Kanye nomsebenzi wakhe.

- **Umoya wenzondo**
  **Isibonelo:**
  - ✓ UPoppie ufikelwa umoya wenzondo lapho efuna ukubulala uHlanganisani noUzithelile ngokubadlisa ushevu.

- **Umoya wokuncenga/wokunxusa**
  **Isibonelo:**
  - ✓ UCele ufikelwa umoya wokuncenga ngenkathi eyocelela izingane zikaLinono emzini kaBafana. Uphinda uyabuyela nakuba exoshiswe ekwenja ngosuku lokuqala.

- **Umoya wokuncoma/wokutusa**
  **Isibonelo:**
  - ✓ U-Uzithelile ukhombisa umoya wokutusa imfundo yaphesheya eMelika. Indlela izinga liphezulu ngayo.
  - ✓ UCele uwukhombisa lo moya ngokuncoma imvelo ngenkathi ebuya emzini kaBafana
  - ✓ Uphinde ancome ubuqhawe kuba-Uzithelile ngenkathi eshaya uKhanjana ekwaluseni.

- **INGWIJIKHWEBU**

Ingwijikhwebu kungaba yizehlakalo eziba nesiphetho ebesingalindelwe ngumfundi wencwadi. Izehlakalo noma izimo ziyaye zilethe uheho endabeni uma ziphetha ngendlela umfundi abengayilindele.

**QAPHELA:**

Le ngwijikhwebu okukhulunywa ngayo embhalweni oyinoveli ingatholakala ezingxenyeni ezithile zenoveli. Kuyenzeka uthole ingwijikhwebu esiphethweni senoveli. Okubalulekile ukuqonda ukuthi maphakathi nenoveli kungaba khona izigameko eziphetha ngengwijikhwebu.

**Zine izinhlobo zengwijikhwebu:**

- **Ingwijikhwebu yamazwi akhulunywayo**
  Kulolu hlobo umlingiswa uyaye asho okuthile endabeni kepha engaqondile kona lokho akushoyo. Usuke esho okuphambene nalokho akushoyo. Indida iba semagameni awakhulumayo kanye nalokho asuke ekuqondile ngalawo magama okuvame ukuqukatha incazelo eyehlukile.
  - ✓ Udokotela Mdlalose uveza inkulumo eveza indida emagameni akhe lapho ebona uBafana ezofuna usizo lokwelelwa ekuphatheni izindaba zomuzi wakhe. Lokhu kuphambene nezenzo zempakamo kaBafana.

- **Ingwijikhwebu eyisigameko esifihlelwe omunye umlingiswa**
  Le ngwijikhwebu ihambisana nesigameko esaziwa abafundi bendaba ngomlingiswa kepha lowo mlingiswa ebe engazi lutho ngalokho. Le ngwijikhwebu yona ingaphezu kwamagama nje akhulunywayo. Imvamisa kuye kuphambane amagama akhulunywa ngumlingiswa kanye nezenzo zakhe. Akushoyo nakucabangayo kuyaphambana nakwenzayo. Lokho kwenza abanye abalingiswa bangakuqondi asuke ekuhlosile.

  - ✓ UPoppie ufihlela izingane zakhe, ngendaba yoshevu azowufakela uHlanganisani beno-Uzithelile esidlweni sakusihlwa.
  - ✓ U-Prisca ufihlela unina uMaMthunzi ngendaba yokukhulelwa kwakhe. Baze bachitha izimali eshisiwe ngokumhambisa ekolishi ukuba afunde.

- **Ingwijikhwebu ehambisana nezimo**
  Lolu hlobo luhambisana nobudlelwano phakathi **kwembangela, umphumela** kanye **nomthelela** ofanelekile. Lokhu kubonakala njengesimo esingafanelekile.

✓ **Imbangela** - UNjini Cele usuka eMpaphala uzocelela izingane zikaLinono ukuba azithathe azikhulise njengomalume wabo ngenxa yendlala.

- Ingijikhwebu ivela lapho uNjini Cele exoshiswa kwenja ngumshana wakhe engasatholanga nethuba lokubika udaba eze ngalo.

✓ **Umphumela** – UCele usala enganayo indawo yokulala. Uyaphoqeleka ukuba ayokhosela kumkhaya wakhe uMadonsela ongunogada esitolo.

- ✓ **Umthelela** – Lesi senzo sihlolela ekutheni kusizakale nabanye abantu. UMadonsela usethola ukudla inyama abengayilindele ebingumngenandlini emzini kaBafana. UMakesi naye useyasizakala ngokucoshiswa amaqatha ezidlulela ngendlela.

- ✓ **Imbangela**- UCele ubuyela kwaBafana ukuyokwethula udaba lwakhe. Inhloso ukuzocelela izingane zikaLinono ukuba azithathe azikhulise njengoba bona sebeqala ukuphelelwa amandla benoMaKhumalo.

- ✓ **Umphumela**- UBafana akasamukeli isicelo sikaNjini Cele sokuthi akhulise izingane zikadadewabo uLinono ekubeni enawo amandla okuzithatha kanti nabo bakhuliswa ngumalume wabo uBafana benoLinono. UPoppie uyaxabana noBafana.

- ✓ **Umthelela** - Ukufika kuka Njini Cele emzini kaBafana kwembuleka le mplilo engahambisani nobuntu yakwaNgubane. Lesi simo sisivezela impilo engeyinhle ephilwa umndeni wakwaNgubane.

- ✓ **Umthelela-** Ukunqatshwa kwesicelo sikaCele kwenza u-Uzithelile benoHlanganisani basebenze ngokukhulu ukuzikhandla. Lokhu okwenza ukuba umndeni waseMpaphala ugvcine usuphumelele. Ngisho nawo umndeni wakwaNgubane wagcina ususizakele emva kokuphumelela kwalezi zingane.

**IMISEBENZI EQONDENE NOKUHLAZIYWA KWAMASU OBUCIKO**

**UMSEBENZI 1**

**Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo:**

| |
|---|
| Ngobunye ubusuku kwakufika abangani boMnumzane uNgubane. Bona babengafikeli ukufunda noma ukusizana ezintweni ezithuthukisayo noma ezakhanayo. Into kubo eyayisemqoka kwakungukushova amaphepha, kuqhakazwe la mabhodlelana asematafuleni ashaywa ngenduku, kuphuzwe izimbodlela, kuxoxwe kuze kucishe kuse. Okuhle wukuthi kwakungasabhenywa lapha ekhaya ngoba uMamthimkhulu wayethi indlu yakhe ngeke iphenduke isife somdlavuza wamaphaphu ebe ebhekile. Ababhemayo babephumela phandle. Wonke amaqembu ayefika lapha ekhaya ayekhuluma isiNgisi, sivetezwe ngisho bengekho abeLungu, noma amaNdiya. Uma kodwa behilana lapha endlini, sebefuna ukulwa, wawuzwa ngesiBhunu sesiqhuma phezulu. |

Zisencane izingane uMaXakushe wayethemba ukuthi kuzothi ngokuhamba kwesikhathi libumbane ikhaya, kuthi noMaMthimkhulu nowakwakhe bazinze ekhaya. Esikhundleni sokuzinza, uNgubane nowakwakhe babeya ngokuqhelelana okwezikebhe ezimbili, esinye sibheke eNtshonalanga, kanti esinye sibheke eMpumalanga. Njengomuntu owayezikhulumela isiXhosa uMaXakushe, izingane zakhula nazo 'sezithetha' kakhulu kunokuba zikhulume. Wawungazizwa zithi, *"Uyaphi ngoku gogo, mina bengithi zisapha kum icephe." Kwakuqhuma 'oNdiyabulela.'*

AbakwaNgubane abazange bakunake lokhu. Nabo babezama ukukhuluma sona isiXhosa uma bekhuluma nogogo, kuthi uma bezikhulumela bona nezingane, bakhulume isiNgisi. Kumuntu ongazi, wayengafunga ukuthi kukwamlungu lapha ekhaya uma ezwa isiNgisi sodwa, usuku lonke, izinsuku zonke zesonto. Lo kuqhuma kwesiNgisi esigodini seseMlazi kanye nokufunda esikoleni sabeLungu, kwazibiyela izingane zakwaNgubane, zaba isiqhingi solimi, ukwenza nobungani. Lezi zingane zazingathintene nomphakathi waseMlazi. OMelody no-Euthenasia babengalokothi badlale ngaphandle komuzi, noma badlale nezinye izingane.

Empeleni isikhathi sabo esiningi babesichitha ngokudlala upiyano, noma le midlalo ye-*TV.* Uma kwenzeka kungena ezinye izingane, wayesho manje uMaXakushe athi, "Eyi! Eyi! wezingane! Yiyani emakini! Akuyona indawo yokudlala nina lena!" Zazima ngaphandle kwesango zilunguze ezinye izingane zihawukela ukungena, kodwa zingalingi zingene. Zazingayi nasesitolo izingane zakwaNgubane ngoba konke ezikudingayo kwakukhona ekhaya, uma kungekho zasishaya ucingo, abazali babuye nakho ezikudingayo ntambama.

Lokhu kuqhunsuzwa kwesiNgisi esigodini saseMlazi ngezinkathi zantambama, sekubuya imiphakathi emisebenzini, kwakungahambelani nemisinga ephelezelwa yiphunga lo phuthu lwantambama lwakobantu. Lobu buqhingi babuye bumkhiphele phandle ugogo ngoba izingane zazivetezela isiNgisi zingamnaki noma ekhona, kulapho nogogo engalwazi nakancane ulimi lwesiNgisi.Kwaya kwathi ngokukhula kwezingane, naye uMaXakushe wacoshacosha ngasesiNgisini.Wagcina naye eseveteveteza njengazo izingane. AbakwaNgubane bamenyusela imali uMaXakushe ngenkathi sebebona ukuthi usekhuluma isiNgisi nezingane. Balibeka lacaca ukuthi le mali engu-R50,00 ngaphezulu kweholo, yengezwa ngoba ugogo usekhuluma isiNgisi, ngakho usezoseka ukufunda kwezingane esikoleni.

1.1 Gagula izinto EZIMBILI ezazenziwa ngabangani bakwaNgubane. (02)

1.2 Shono isizathu sokuvakasha kwabangani bakaBafana kwaNgubane ngokwalesi siqephu. (02)

1.3 Xoxa kafushane **ngesiphetho** salesi siqeshana. (03)

1.4 Nikeza okufanayo ngokwezenzo phakathi kuka**mlingiswa** onguMaXakushe Kanye nomlingiswa onguCele. Bhekisa impendulo yakho ngokwe**ndikimba** yale noveli. (03)

1.5 Iyini inhloso yombhali yokusebenzisa **umlingiswa** onguMahiloni Mngadi kule noveli? (02)

1.6 Ngabe isenzo sikaPoppie sokungafuni ukwamukela izingane zikaLinono simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (02)

1.7 Ucabanga ukuthi wawuyoba njani umphumela emzini wakwaNgubane eThekwini ukuba umlingiswa ongu-Euthenasia akeqanga wabalekela eMpaphala? Sekela impendulo yakho. (03)

1.8 Humusha **umyalezo** odluliswa umbhali wale noveli. (03)

1.9 Isenzo sikaPoppie sokuthatha izincwadi zikaBafana aphethe ngokuzishisa samukelekile yini kuwe? Sekela impendulo yakho. (02)

1.10 Phawula ngobuciko bombhali bokuqabamba abalingiswa. Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguHlanganisani. (03)

**UMSEBENZI 2**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

Wahlala esitadi uNgubane ecabanga kodwa engafiki ndawo. Wayethuka ubala, elindele ucingo olumbikela ngo-*Euthenasia*. Wayengakholwa ukuthi leli bhoxongwane elife engozini yemoto kungabe yindodana yakhe. Wayekholwa ukuthi u-*Euthenasia* usaphila, futhi uzoshaya ucingo asho ukuthi ukuphi. Ilanga laseThekwini ngentwasahlobo liyahlaba. Noma umuzi kaNgubane wawupholile, wayejuluka
uNgubane, kuthi makaphumele phandle. Wayethi uma esephandle ukushisa kuthi makabuyele endlini. Amagenugenu emicabango eyayingqubuzana ngaphakathi kwakhe athi makathinte abameli bakhe kodwa wazikhuza. Wayengazi ukuthi uzothi mabenzeni, kuphi, obani? Isifiso sakhe kwakungukufuna ukwazi ukuthi indodana yakhe ikuphi, nokuthi yenzani. Okunye kwakuyolungiswa ngemuva kwalokho. Amehlo kaNgubane awela eBhayibhelini wakhumbula u-Dkt. Thathezakhe Mdlalose. NgokukaNgubane wayethi abantu abafunde njengo Dkt. Mdlalose bafanele babe nokuqonda okudlula okweBhayibheli. Leli Bhayibheli umkakhe wayeliphiwe ngunina kaBafana ngemuva kokushada kwabo. Walibukabuka iBhayibheli uNgubane lamethusa. Kwase kuphele iminyaka engaphezu kweshumi iBhayibheli

lingasaziwa kuleli khaya. Wawuchiliza umcabango wokuthi konje uma kuyindodana yakhe eshonile engozini ebibikwa ngabasakazi, kungadingeka ukuba kube nomlindelo.
Waqonda ekamelweni lendodana yakhe wasengena kuwodilobhu engumangena- umile. Wagijimisa amehlo kumiswenko yendodana yakhe wethuka. Wayengazi ukuthi kanti indodana yakhe seyinamajekhethi esikhumba amathathu, kanye nejazi lesikhumba. Amehlo kaNgubane awela enqwabeni yezicathulo. Kwakunepheya yama-*Reebok*, ipheya yama-*Nike* kanye namapheya amthathu ama-*LA Gear. O-StaceyAdams, o-Florsheim* no-*Pierre Cardin* bezicathulo babeneyabo ingqungquthela phansi kowodilobhu. Wabala amabhande endodana yakhe wamangala ngento ayibona uNgubane. Amabhande ayeqile ku-10, kanti amakilesibhande ayemathathu. Amahembe kasilika ayewodwa, kuthi nawerayoni abe wodwa, kanti nakakotini ayewodwa. Kwakungathi indodana yakhe ithengela ukushada.

Wayesexakwe yilesi simo ngenkathi ezwe umsinjwana kungathi kukhona abaxoxa khona lapha endlini. Watheleka ekhishini wafika nje ngenkathi u-*Euthenasia* eyotshobela ekamelweni lakhe. Wabingelela u-*Melody* kodwa waphuthuma ku-*Euthenasia* engasezwanga ukuthi unjani u-*Melody*. Wangena emnyango wayohlala embhedeni wasethi, **'Hlala phansi *Euthy* ungitshele ukuthi uphumaphi.' Kwamthokozisa u-*Euthy* ukubona uyise engxamile ngesimo sakhe ngoba wayazi** ukuthi **uyise akanandaba nabo. Umuntu obakhathaleleyo ngunina. Wahlala phansi izandla wazibeka ngaphansi kwamakhwapha ngemuva kokuphambanisa** izingalo**.** Wadonsa umlomo waphukula. Wathula uyise elinde ukuba asho ukuthi uphumaphi. Ekubona ukuthi u-*Euthenasia* akasho lutho, waphinda uNgubane wathi,
'Uphumaphi *Euthenasia* sesikhathazeke kangaka ngawe?'
'Awu bese ukhathazekile ngami baba. Ngiyathokoza ukukuzwa lokho. Ngangingazi ukuthi ubaba uyakhathazeka ngathi. Ngiye ngithi uma ngibona sihamba nomama njalo ngithi thina siyizingane zikamama ...'
'Uyabheda!' kubhavumula uNgubane. 'Ngithe kuwe uphumaphi. Angibuzanga leyo mibhedo ongitshela yona.' 'Ngiphuma esikoleni baba.'

2.1 Nikeza isizathu esenza umlingiswa onguBafana ethuke uma evula iwodilophu engumangena umile. (01)

2.2 Ludalwa yini udweshu lwangaphakathi kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (03)

2.3 Chaza kafushane ngokwenzeka esiphethweni salesi siqeshana. (02)

2.4 Xoxa ngomoya otholakala emagameni abhalwe ngokuqgamile atholakala kulesi siqeshana. (04)

2.5 Chaza ukulandelana kwezigameko ezaholela ekuphelelweni umsebenzi kukaJohn Ngubane. (03)

2.6 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaPoppie ukube umlingiswa onguBafana wazithatha izingane zikaLinono? (02)

2.7 Qhathanisa uthando lomlingiswa onguMaXakushe kanye noCele ngezingane zikaBafana ekudluliseni indikimba yale noveli. (03)

2.8 Ngabe isimo sokukhuluma esidwetshelwe simveza njengomlingiswa onjani u-Euthenasia? Sekela impendulo yakho. (02)

2.9 Uyavumelana yini nokuthi le noveli iphele ngepholavuthondaba? Sekela impendulo yakho. (02)

2.10 Phawula ngokwenzeka esethulweni sale noveli mayelana namagugu omphakathi (indlela eyamukelekile yokuziphatha) ubhekise kumlingiswa onguLinono. (03)

**[25]**

## ISAHLUKO SESI-4

### UKUHLAZIYA UMBUZO OMUDE

**UMSEBENZI 1**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo senoveli ethi: Impi Yabomdabu Isethunjini. Impendulo yakho mayibe ngamagama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza ukuthi siyini isakhiwo.
- Ukuchaza, usekele ngezibonelo ezimayelana nesakhiwo kule noveli.
- Ukuveza uvo lwakho

(Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.)

**ISIBONELO SEMPENDULO YOMBUZO OMUDE**

**IMPENDULO:**

**ISINGENISO**

Isakhiwo siwukubumbeka kwendaba (umumo wendaba) ukusuka ekuqaleni kuze kuyofika ekugcineni. Isakhiwo sinamabanga/amazinga amathathu: isingeniso, umzimba nesiphetho.
Kuleli banga/zinga eliyisingeniso, umbhali kumele asethulele izinto ezintathu: umlingiswa osemqoka, isisusa sodweshu kanye nesizinda ikakhulukazi indawo lapho indaba izogxila khona. Kule noveli ethi; "Impi Yabomdabu Isethunjini" umlingiswa osemqoka uBafana John Ngubane. Kanti isisusa sodweshu ukufika kukaNjini Cele ongumalume kaBafana. Ufika engalindelwe ngumuntu. Ufika ngenhloso yokuzocelela izingane zikaLinono ongudadewabo kaBafana ukuba bazithathe ngoba yena kungathi amandla aseyamphelela. Uzama ukuzibalekisela indlala ekhona ekhaya eMpaphala.

Inkinga ekhona kuBafana ukuthi ngeke akwazi ukuthatha izingane zikaLinono ngoba akazihlelele. Bona benonkosikazi wakhe uPoppie bakuhlela ukuba nezingane ezimbili. UBafana uyanqaba ukuthatha izingane ngoba ezibona ephila impilo engcono kunephilwa eMpaphala. Umbhali usethulela indawo yaseThekwini, eMlazi okungumuzi kaBafana. Okunye okudala ukuba angakwazi ukuyikhuluma kahle indaba yalezi zingane yingoba bona benoPoppie bahlukaniselene imisebenzi. Indaba yezingane lapha kwaBafana ngekaPoppie. Ngakho-ke indlela kumele idlule kuye uPoppie.

**UMZIMBA**

Emzimbeni sibheka ukubhebhetheka kodweshu lapho sesibona lolu dweshu oluqale esingenisweni selukhula. Isixakaxaka sona sizogqamisa ukushuba kwesimo endabeni. Lapha izinto zisuke sezisongana kungasazeki okumele kwenziwe. Leli banga yilo elisiholela kuvuthondaba, okuyisicongo sendaba. Okuvamise ukuba kube isigameko esikhulu sokugcina. Nalapho imibuzo ebesizibuza yona iphenduleka khona.

**UKUBHEBHETHEKA KODWESHU**

UNjini akakutholi ukwamukeleka emzini kaBafana okumphoqa ukuba agcine esefihliswe ikhanda umkhaya wakhe uMadonsela osebenza njengonogada esitolo sakwaZwane. Ngakusasa uphindela khona emzini kaBafana, uyasichitha isicelo sakhe uBafana. Ubuyela ekhaya eMpaphala engasizakalanga ngoba uBafana akasamukelanga isicelo sakhe sokuthatha izingane zikaLinono. UPoppie ezwa ukuthi uCele ubezokwenzani ushaya phansi ngonyawo uthi akazifuni izingane zasemakhaya okunguHlanganisani kanye no-Uzithelile.

UMaXakushe osiza ngokuhlanza umuzi wakwaNgubane kanye nokubheka izingane ubikela uBafana ukuthi u-Euthenasia usemqedile ngokumebela imali yakhe uma emthuma ukuba aye komfakela yona eposini. U-Euthenasia uthatha ama-R80.00 njalo kuma-R200.00 okumele awuthumelele izingane zikaMaXakushe eMzimkhulu. UMaXakushe umtshela ukuthi izincwadi zibhalwa nguye u-Euthenasia kanjalo nezimpendulo zifundwa nguye. Kwacaca ngokusobala ukuthi usuke efunda into engekho. Imali lena wayeyithatha ahambe ayothenga izimpahla ezibizayo esitolo esiku-Grey Street eThekwini.

**ISIXAKAXAKA**

Kuwo lowo mnyama umndeni wakwaNgubane uhlangabezana nembibizane yokuthi u-Euthenasia untshontsha imoto kaMiss Hawkins uhamba ngayo ukuya eLindelani ngoba ethi ufuna ukuqhathanisa izindawo ezihlala abantu abamnyama emalokishini kanye nasesilungwini. Kunokuba uPoppie abone iphutha enganeni, uyayivuna. Uxosha uMaXakushe.

UPoppie uthenga umuzi omusha wase-La Lucia. OwaseMlazi awudayiseki, bagcina sebeqashisa ngamagumbi kuwo. UPoppie uthengela u-Euthenasia imoto bengazange bavumelane noBafana. Lesi senzo siyamcasula uBafana uyaphuma kulo muzi wasesilungwini, uphindela eMlazi.

Inkampani entsha okusebenza kuyo uBafana i–Eagle American Amalgamated imnikeza ithuba lokuba azithuthukise ngoba ithole ukuthi ulwazi lwakhe kwezokuphatha alukho ezingeni elifanele. Unikwa izincwadi okumele azifunde kodwa uyahluleka ukuzifunda. UPoppie uya emsebenzini kaBafana ngoba eyofuna ukuba uBafana abuyele eLa Lucia. Wala waphetha uBafana. Washingila washiya uPoppie khona lapho emsebenzini. UPoppie uthatha izincwadi uhamba nazo uya ekhaya.

UBafana uyaqala manje ukucwila ezinkambeni, eze angabe esakwazi ukuya kahle emsebenzini. Uyasula emsebenzini. Udayisa umuzi oseMlazi. Akabe esazinza emisebenzini ayitholayo useyagcogcoma nje. Uma ethola imali yomuzi uthenga imoto kanokusho i-Lexus.

UBafana amabombo uwabhekisa eNyukhasela, lapho ufika uthola khona umasihlalisane uMaMthunzi. UMaMthunzi unezingane azithole emshadweni odlule. Ezinye zazo nguPrisca kanye noMgwazeni. Isoka likaPrisca liginqa imoto kaBafana iLexus ababeyithathe ebusuku ngesikhathi yena elele edle amponjwana. UMgwazeni umthembisa ukumenzakalisa uma nje eke wazama ukubophisa udadewabo.

Kuyamehlula ukuhlala noMaMthunzi ngoba kwase kubuye noMgwazeni. Ubhekisa amabombo eThekwini. Uhlangana nomngane wakhe ababefunda naye uGetro Msibi. UGetro umxhumanisa nodadewabo u-Alice Msibi ongumhlolikazi obuye abe yithwasa. Nalapha izinto azimhambeli kahle ngoba ngesikhathi egeza imoto kamhlolithwasa, iyasuka iyoshayisa imoto kamakhelwane uSibeko khona la KwaMashu kwa-D.

UMaMsibi umqashela imoto uBafana uyamtshela ukuthi unesinyama kuhle abuyele ekhaya eMpaphala ukuyolungisa izinto zakhe. Uthatha imoto leyo udlula ngakwakhe eLa Lucia ubona umkakhe ehamba nehwanqa lensizwa. Kwahlwa emini kuBafana. Waqonda olwandle lwaso-Tongaat ngoba ecabanga ukuyoqeda ngempilo yakhe. Kulo mnyama kuqhamuka owomdabu waseNdiya umcela ugwayi. Waxoxa ngendaba yokuzibulala ukuthi ayilungile. Owenza njalo uya esihogweni.

**UVUTHONDABA**

**Uvuthondaba** lwenoveli kuvamise ukuba kube isigameko esikhulu lapha kuphenduleka khona imibuzo yonke ebesilokhu sizibuza yona. Abanye ababhali bavamise ukuyiphetha kulona uvuthondaba.

UNgubane ugcina ephindele eMpaphala wemukelwa ngezandla ezimhlophe umalume wakhe uCele benonkosikazi wakhe uMaKhumalo.Kuthi kusenjalo kutheleke uHlanganisani noVikizitha befika noMaMthimkhulu.Bobabili bavuma amaphutha, bayaxolisa koHlanganisani no-Uzithelile.Benzelwa idili elikhulu kwabulawa izintondolo ezimbili. UCele wabathela ngenyongo. Izinkinga zikaNgubane ziyaxazululeka.

**Isu Lokujeqeza Emuva**

Sithola uCele ecabanga ngenkathi lapho ethatha izingane zikadadewabo uQophitshe eyoshadela kwenye indawo. Zazingondlekile kahle yikho azidabukela. Ukukhumbula konke lokhu kangangoba kumvusela izilonda.

**Isu Lokubikezela**

Sithola uCele ephimisa amazwi athi, “Lukhulu luyeza luyanyelela ngenkathi ecabanga ngendlela axoshwe ngayo nguBafana uma ethi akathathe izingane zikadadewabo uLinono”. Lokhu kwakubikezela ukuthi impilo kaBafana inobungozi yayingaphephile. Ngempela kwenzeka njengokusho kukaCele.

Ngesikhathi esendleleni ebheke ekhaya esuka eMlazi ubona u-Uzithelile elwa noKhanjana. U-Uzithelile uyintombazane kanti uKhanjana ungumfana. Konke lokhu kwenzeka lapha ekwaluseni. Lokhu kwakubikezela ukuthi u-Uzithelile ekukhuleni kwakhe uzolwela amalungelo abesifazane.

UCele uthandazela u-Euthanasia exinwe iphika uze athi; “Vumelani abantwana beze kimi.” maqede alulame. U-Euthenasia ufisa ukuhlala naye uCele. Ekugcineni ubuyela eMphaphala uhlala naye uCele.

**ISIPHETHO**

Esiphethweni sendaba zonke izinto zisuke sezibuyela kwezejwayelekile. Kuleli zinga umbhali usuke esesonga noma eqoqa indaba yakhe. Le noveli iphetha ngepholavuthondaba. Izingane zikaLinono zona sezibuyile phesheya lapho bezifunda khona seziyalekelela lapha ekhaya ukuze ikati lingalali eziko. Sekuyabuswa kwaCele. UHlanganisani uganwa uDokotela uZama Shenge.

UBafana noPoppie bagcina sebehlala epulazini likaHlanganisani. UBafana bamusa esikoleni ukuba ayofunda umsebenzi wokuphathwa kwepulazi. UPoppie uthola isikhala sokufundisa eNyuvesi yakwaZulu. U-Uzithelile yena ugqugquzela abantu abasha ikakhulukazi abesifazane ukuba bafunde ukuzimela.

**UVO LWAMI**

Konke okubaliwe kukhombisa ikhono lombhali ekwethuleni isakhiwo sale noveli. Uphumelele kahle ukubumba isakhiwo sale noveli futhi wonke amabanga esakhiwo anikezalana kahle ukusuka esingenisweni kuze kufinyelele esiphethweni.

**UMSEBENZI 2**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekusebenziseni udweshu ukukhulisa indaba yakhe kule noveli ethi; “Impi Yabomdabu Isethunjini”. Impendulo yakho mayibe ngamagama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza ukuthi luyini udweshu.
- Ukuchaza, usekele ngezibonelo ezimayelana nodweshu kule noveli.
- Ukuveza uvo lwakho.

**ISIBONELO SEMPENDULO:**

**ISINGENISO:**

Udweshu ukuphikisana noma ukuqophisana phakathi kwabalingiswa noma kumlingiswa oyedwa. Ukungaboni ngasolinye okanye imidlinzo kungaba yikho okwelula indaba.

Udweshu lwehlukene kabili:

Udweshu lwangaphakathi kanye nodweshu lwangaphandle.

Udweshu lwangaphandle: lolu udweshu olubangwa ukushayisana kwemibono phakathi kwabalingiswa ababili noma ngaphezulu. Lokhu kudalwa ukungaboni ngaso linye baze bagcine kwesinye isikhathi sebebambene ngezihluthu. Udweshu lwangaphakathi lona luba kumlingiswa oyedwa. Kuba khona ukungqubuzana kwemicabango kuye ngaphakathi. Akukona ukucabanga nje okujwayelekile.

**UMZIMBA:**

Udweshu lwangaphakathi:

Ukungamukeleki kukaCele emzini kaBafana yikho okugcine kuholele ekutheni simthole eninga ngendlela ingane kadadewabo engenabo ngayo ubuntu. UBafana uyenqaba ukuthatha izingane zikaLinono. UCele uze uninga ngesigameko lapho ubaba kaBafana ebalekela ukondla izingane ezagcina sezingumthwalo wakhe. Imicabango ngempakamo kaBafana imenza agcine esempampisa amehlo indlu yonke ebuka ubugwili bomshana wakhe uze ugcina esebona nekhishi elicwebezelayo.

UBafana naye simthola ejubalala ngemicabango esitadi mayelana nodaba aluzwe ngoMaXakushe lokuthi u-Euthenasia untshontsha imali yakhe aze agcine ephimisela. Ayimile imicabango kuye uBafana uthatha uyabeka ngempilo abebeyiphila eMpaphala kanye neziphithiphithi zakwakhe. Ucabanga nangakho konke akutshelwe uDokotela uMdlalose ongumeluleki wezengqondo.

Umbhali usivezela uBafana edliwa imicabango ebheka emuva ekhumbula indlela akhule kabuhlungu ngayo njengoba uMaMthimkhulu engafuni izingane zakhe zithethiswe omunye umuntu.

Siphinde simthole uBafana uma esecabanga ngezincwadi zakhe ezishiswe uPoppie ngenhloso yokuthi uPoppie wayeyenga uBafana ukuthi abuyele ekhaya ngokuthatha izincwadi. Kepha uBafana wala waphetha. UBafana ugcina ngokusula emsebenzini. Okunye okumdidayo uBafana ukuthi kungani uma uMaMthimkhulu esethutha eMlazi angalithathi ibhayibheli alinikwa ngunina uMaMbhele.

UPoppie ubonakala engazithandi izingane zikaLinono ngoba zigijima zedlule ezakhe. Uze uyajula ngomcabango kuze kuvuka umona afikelwe nayinhliziyo embi afune ukudlisa ushevu lezi zingane zaseMpaphala. Kwasiza u-Euthenasia ngokuthi acele ukuba badle balale ndawonye.

Udweshu lwangaphandle:

Sithola uBafana enempakamo, ukuzithwala nokubukela phansi umndeni wakhe waseMpaphala. Uxosha umalume wakhe uCele owamkhulisa kanzima. Umxosha kabuhlungu uma ethola ukuthi uzocelela izingane zikaLinono ongudadewabo indawo yokuhlala. Bayaqophisana.

UBafana simthola exabana noPoppie ethi akabafuni abantu basemakhaya eMpaphala bona baphila isilungu. Uxabana nomkakhe uPoppie ophikela ingane yakhe u-Euthenasia ukuthi akayintshontshanga imoto kaMiss Hawkins.

UBafana noMaMthimkhulu baxatshaniswa yizimpahla ezibizayo zika Euthenasia ezitholakala egumbini lakhe kungaziwa ukuthi imali yokuzithenga uyithathaphi. UmaMthimkhulu uze uyafakaza naye uthi eyakhe ingane ayintshontshi. Kunokuba azehlise umfana uma ebuzwa naye umisa ikhanda uyanqaphaza. Uze anqotshwe ukuvezwa kweziliphi ezingubufakazi besitolo sezimpahla. UBafana akaboni ngaso linye noPoppie ngesenzo sika-Euthenasia sokuthatha imali kaMaXakushe. uPoppie uyasithalalisa nje lesi senzo. Kunalokho uxosha uMaXakushe. Esaphelezela uMaXakushe esiteshini sesitimela ukuyomgibelisa, u-Euthenasia uyeqa eLa Lucia ulibangisa eMpaphala.

Udungunyana luyanda lapha ekhaya kwaNgubane uma uPoppie ethengela u-Euthenasia imoto engazange avumelane noma baxoxisane nomyeni wakhe. UBafana uthukuthela uthelwa ngamanzi ngoba uzibona enganaso isithunzi emzini wakhe.

UBafana uxabana noMgwazeni uma ezama ukuyofaka icala lokuthi imoto yakhe yebiwe ukuze kuzokhokha umshwalense. UMgwazeni ushaya phansi ngonyawo ukuthi nje eke waboshwa udadewabo uPrisca, uBafana kuyobe uyalibuka uyaligcina ilanga. Kwamphoqa ukuba akamane ashiye kanjalo avele abaleke alibangise eThekwini.

UPoppie ubhokela uHlanganisani ocingweni ngoba engazifuni izingane zaseMpaphala kanti akazi ukuthi inhloso yokushaya ucingo kukaHlanganisani ufuna ukumtshela ukuthi u-Euthenasia useMpahala. Useyaqala umupha indlebe uyamlalela ngoba udaba olubikwayo lumayelana nendodana yakhe ebadukele.

**ISIPHETHO (Uvo lwami)**

Umbhali ukwazile ukusebenzisa udweshu ukukhulisa inoveli yakhe. Yilo udweshu oluvusela abalingiswa izinkinga okumele bazixazulule. Lokhu kufakazelwa udweshu lwangaphakathi kanye nolwangaphandle olutholakala kubalingiswa olusentshenziswe umbhali enovelini yakhe.

**MFUNDI ZIVIVINYE NGALO MSEBENZI OLANDELAYO:**

**UMSEBENZI 3**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekwedluliseni umyalezo othi "ukungawazisi umndeni wakho kuba nemiphumela engemihle" ubhekise kulaba balingiswa: uBafana no Poppie kule noveli ethi Impi yabomdabu isethunjini.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 ukuya kwangama-390.

Impendulo yakho mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza ukuthi uyini umyalezo.
- Ukuchaza, usekele ngezibonelo ezimayelana nomyalezo owukungawazisi umndeni ubhekise kubalingiswa abadaluliwe.
- Ukuveza uvo lwakho
  (Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.)

**UMSEBENZI 4**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekugqamiseni indikimba yobuntu / ukungabi nobuntu kule noveli ethi Impi yabomdabu isethunjini.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 ukuya kwangama-390.

Impendulo yakho mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza ukuthi uyini umyalezo.
- Ukuchaza, usekele ngezibonelo ezimayelana nomyalezo owukungawazisi umndeni ubhekise kubalingiswa abadaluliwe.
- Ukuveza uvo lwakho
  (Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.

**ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]**

| Izinkomba | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kuyagculisa | Akugculisi kahle | Akugculisi nhlobo |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE** | **12–15** | **9–11** | **6–8** | **4–5** | **0–3** |
| Ukuhunyushwa kwesihloko<br><br>Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.<br><br>**15 AMAMAKI** | -Impendulo enembayo<br><br>-Impendulo enhle kakhulu<br><br>-Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu<br><br>-Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni<br><br>-Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/lobuciko bomlomo/lomdlalo. | -Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle<br><br>-Impendulo echaza ngokwenelisayo<br><br>-Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekelwe ngendlela elindelekile<br><br>-Ulwazi lwenoveli/ lobuciko bomlomo/ lomdlalo luyabonakala. | -Ukuhumusha isihloko ngokugculisayo; akuzona zonke izingxenye ezicaciswe kabanzi<br><br>-Kunamaphuzu ambalwa amahle asekela isihloko<br><br>-Amaphuzu ambalwa asekeliwe, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi<br><br>-Ulwazi olungenele lwenoveli/lobuciko bomlomo/lomdlalo. | -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko ngokucacile<br><br>-Amaphuzu ambalwa asekela isihloko<br><br>-Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko<br><br>-Ulwazi oluncane lwenoveli/ lobuciko bomlomo/lomdlalo. | -Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko<br><br>-Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo<br><br>-Amaphuzu awanelisi nhlobo<br><br>-Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/ lobuciko bomlomo/ lomdlalo. |

| **ISAKHIWO KANYE NOLIMI** | **8–10** | **6–7** | **4–5** | **2–3** | **0–1** |
|---|---|---|---|---|---|
| Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula<br><br>Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.<br><br>**10 AMAMAKI** | -Isakhiwo silandelana kahle kakhulu<br><br>-Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu<br><br>-Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle<br><br>-Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni. | -Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle<br><br>-Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle<br><br>-Amaphuzu ageleza kahle<br><br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle. | -Isakhiwo siyabonakala kancane<br><br>-Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha<br><br>-Amaphutha olimi ambalwa, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile<br><br>-Izigaba eziningi zibhaleke kahle. | -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhlelweni kwaso<br><br>-Amaphuzu awahlelekile kahle<br><br>-Amaphutha olimi agqamile<br><br>-Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele<br><br>-Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha. | -Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu<br><br>-Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo<br><br>-Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele<br><br>-Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha. |
| **UKWABIWA KWAMAMAKI** | **20–25** | **15–19** | **10–14** | **5–9** | **0–4** |

**ISAHLUKO 5**

**UKUHLAZIYA UMBUZO OMFUSHANE**

**Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo:**

Kwamthokozisa u-*Euthy* ukubona uyise engxamile ngesimo sakhe ngoba wayazi ukuthi uyise akanandaba nabo. Umuntu obakhathalelayo ngunina. Wahlala phansi izandla wazibeka ngaphansi kwamakhwapha ngemuva kokuphambanisa izingalo. Wadonsa umlomo waphukula. Wathula uyise elinde ukuba asho ukuba uphumaphi.

Ekubona ukuthi u-*Euthenesia* akasho lutho, waphinda uNgubane wathi, "Uphumaphi *Euthenasi*a sesikhathazeke kangaka ngawe?"

"Awu bese ukhathazekile ngami baba. Ngiyathokoza ukukuzwa lokho. Ngangingazi ukuthi ubaba uyakhathazeka ngami. Ngiye ngithi uma ngibona sihamba nomama njalo ngithi thina siyizingane zikamama..."

"Uyabheda!" kubhavumula uNgubane. "Ngithe kuwe uphumaphi. Angibuzanga leyo mibhedo ongitshela yona."

"Ngiphuma esikoleni baba."

"Ngiyakwazi lokho. Uyazi ukuthi mina ngifuna ukwazi ukuthi ubuyephi ngemoto ka-*Miss Hawkins*. Musa-ke ukungichithela isikhathi ngoba nawe uyayazi into esiphathe kabi, yenza ukuba ngibe lapha ngalesi sikhathi."

"Kulungile ngizokuchazela ukuthi ngiyephi ngemoto ka-*Misss Hawkins*. Ngiphume lapha e*Durban West* ngaqonda e*Reservoir Hills*, lapha kuhlala khona amaNdiya acebile. Ngithe ukudilaya ngibuka ukuceba kwamaNdiya eNingizimu Afrika. Ngithathe ngase ngiya lapha e *La Lucia* naseMhlanga *Rocks*. Nakhona ngibuke ukuceba kwabeLungu eNingizimu Afrika. Ngemuva kwalokho ngiye ngabuka amabhilidi nobuhle beTheku ngingase*Greyville*. Lobu buhle ngibe sengibuxhuma nezemisebenzi engiyibuke ngamehlo engqondo ngenkathi sengishayela ngibheke eLindelani kwaMashu."

"Ubuyokwenzani eLindelani *Euthenasia*?"

"Bengiyoqhathanisa baba. Ngithe ngifika eLindelani ngahlangabezwa yilelo phunga losizi nokuhlupheka kwabantu bakithi. Imijondolo beyikhafula izindimbane zabantu ukulamba nokweswela kwabo kubhalwe ebusweni nasezintweni abazenzayo. Bekunezindimbane zabantu abalayinele amanzi, thina lapha ekhaya sinezimpompi ezingamashumi amabili nantathu endlini, kunabantu abashunqisa izitofu zentuthu, laphaya ko *Reservoir Hills* kunamapulagi cishe amabili kuwo wonke amakamela, kunezinyokotho zabantu abalayinele amatekisi, laphaya ko- *La Lucia* kunezimoto ngantathu umuzi umunye, enye yazo ihlobisa igalaji. Ngizibuze kaningana ngisemi

khona eLindelani ukuthi konje kungabe balindeleni, bonani, benzani laba bantu ukuze bajeziswe ngale ndlela."

"Angikuzwa *Euthenasia*. Angikuzwa ukuthi ubukuphi nemoto ka-*Miss Hawkins*. Bangishayele ucingo bathi uthathe imoto ka-*Miss Hawkins* washaya wachitha wahamba amasolokohlo. Kungabe ubukuphi?"

"Bengithi ngichaze kahle ukuthi ngiye ezindaweni ezintathu, e*Reservoir Hills*, e-*La* Lucia naseLindelani.

"Ubuyokwenzani lapho?"

"Bengiyoqhathanisa."

"Uqhathanisani *Euthenasia*?"

"Ngiqhathanisa ukuphila kwabantu baseNingizimu Afrika. Phela u-*Miss Hawkins* usifundisa umlando wale lizwe lakithi. Ngokufundisa kwakhe ukhuluma ngokulingana kwabantu kanye nangokubuswa kweningi lale lizwe lakithi. Ngizwe kungakangeni isifundo sakhe ukuthi make ngiye kulezi zindawo ukuze ngithi ngingena ekilasini ngibe sengihoshe kahle umoya wokuba ngenze u-*Miss Hawkins* asichazele ngalo mehluko phakathi kwalezi zindawo ezintathu engiye kuzo."

**IMIBUZO ESOBALA / ELULA**

7.1 Tomula umusho onesenzo esikhombisa kuthi u-*Euthenesia* akanayo inhlonipho esingenisweni salesi siqeshana. (1)

7.2 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU asemqoka ulwazi oluqoqwe ngu-*Euthenasia* ngesizinda ngokwendawo ngokwalesi siqeshana. (3)

7.3 Kungani uNgubane ekhombisa umoya wokukhathazeka ngokuya kwendodana yakhe eLindelani kunakulezi ezinye izindawo? (2)

7.4 Nikeza imbangela yokuthi u-*Euthenasia* acabange ukuthi uyise akanandaba nabo? (2)

7.5 Chaza ngodweshu olutholakala kulesi siqeshana. (2)

**IMIBUZO EPHAKATHI / ESENDIMENI**

7.6 Ingabe isenzo sika-*Euthenasia* sokweqa ekhaya saba namuphi umthelela ekuziphatheni kwakhe? Sekela impendulo yakho. (2)

7.7 Qhathanisa okufanayo ezigamekweni zokuba uNgubane adube umndeni wakhe e-*La Lucia* nesokushiya kwaMaMthunzi eMadadeni. (4)

7.8 Iyini inhloso yombhali ngesakhiwana sokuba u*Melody* atholele izingane ekhaya engaganile futhi engaqedile esikoleni? (2)

7.9 Ucabanga ukuthi umbhali wedlulisa muphi umyalezo mayelana nokufunda kwabantu besifazane besizwe sabantu abamnyama? Bhekisa ku*Poppie* kanye naku-Uzithelile. (2)

**IMIBUZO ETHE THUTHU**

7.10 Ngokwakho ukubona isenzo sikaHlanganisani sokuqamba abazala bakhe amagama amasha kusifundisani ngokuvezwa kwabalingiswa kuleli noveli? (3)

7.11 Phawula ngokuhlolisisa isihloko sale noveli ubhekise ezincwadini ezazibhalelwa uNgubane ngabakwaCele angaziphendulanga. (2)

**[25**

**ISIBONELO SEMPENDULO YOMBUZO OMFUSHANE**

**ISAHLUKO 5**

**UKUHLAZIYA UMBUZO OMFUSHANE**

- Lena imibuzo esuselwa esiqeshini ozobe usinikiwe. Kungaba isiqephu esisodwa noma ezimbili.
- Imibuzo iyehlukana ngokwamazinga okuhlakanipha okungaba imibuzo esobala nelula, ecabangisayo, nehlaziyayo nehlolisisayo kanye nencomayo.
- Isamba samamaki esewonke ombuzo omfushane siba ama-25.
- La mamaki ehlukana kanje ngokwamazinga emibuzo:

  - ✓ Esobala / elula – amamaki ali-10.
  - ✓ Ephakathi / endimeni – amamaki ali-10.
  - ✓ Ethe thuthu - amamaki ama-5

**Nasi isibonelo sombuzo omfishane**

**Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo:**

Kwamthokozisa u-*Euthy* ukubona uyise engxamile ngesimo sakhe ngoba wayazi ukuthi uyise akanandaba nabo. Umuntu obakhathalelayo ngunina. Wahlala phansi izandla wazibeka ngaphansi kwamakhwapha ngemuva kokuphambanisa izingalo. Wadonsa umlomo waphukula. Wathula uyise elinde ukuba asho ukuba uphumaphi.

Ekubona ukuthi u-*Euthenesia* akasho lutho, waphinda uNgubane wathi, "Uphumaphi *Euthenasi*a sesikhathazeke kangaka ngawe?"

"Awu bese ukhathazekile ngami baba. Ngiyathokoza ukukuzwa lokho. Ngangingazi ukuthi ubaba uyakhathazeka ngami. Ngiye ngithi uma ngibona sihamba nomama njalo ngithi thina siyizingane zikamama..." 9

"Uyabheda!" kubhavumula uNgubane. "Ngithe kuwe uphumaphi. Angibuzanga leyo mibhedo ongitshela yona."

"Ngiphuma esikoleni baba."

"Ngiyakwazi lokho. Uyazi ukuthi mina ngifuna ukwazi ukuthi ubuyephi ngemoto ka-*Miss Hawkins*. Musa-ke ukungichithela isikhathi ngoba nawe uyayazi into esiphathe kabi, yenza ukuba ngibe lapha ngalesi sikhathi." 15

"Kulungile ngizokuchazela ukuthi ngiyephi ngemoto ka-*Misss Hawkins*. Ngiphume lapha e*Durban West* ngaqonda e*Reservour Hills*, lapha kuhlala khona amaNdiya acebile. Ngithe ukudilaya ngibuka ukuceba kwamaNdiya eNingizimu Afrika. Ngithathe ngase ngiya lapha e *La Lucia* naseMhlanga *Rocks*. Nakhona ngibuke ukuceba kwabeLungu eNingizimu Afrika. Ngemuva kwalokho ngiye ngabuka amabhilidi nobuhle beTheku ngingase*Greyville*. Lobu buhle ngibe sengibuxhuma nezemisebenzi engiyibuke ngamehlo engqondo ngenkathi sengishayela ngibheke eLindelani kwaMashu." 22

"Ubuyokwenzani eLindelani *Euthenasia*?"

"Bengiyoqhathanisa baba. Ngithe ngifika eLindelani ngahlangabezwa yilelo phunga losizi nokuhlupheka kwabantu bakithi. Imijondolo beyikhafula izindimbane zabantu okulamba nokweswela kwabo kubhalwe ebusweni nasezintweni abazenzayo. Bekunezindimbane zabantu abalayinele amanzi, thina lapha ekhaya sinezimpompi ezingamashumi amabili nantathu endlini, kunabantu abashunqisa izitofu zenthuthu, laphaya ko *Reservour Hills* kunamapulagi cishe amabili kuwo wonke amakamela, kunezinyokotho zabantu abalayinele amatekisi, laphaya ko- *La Lucia* kunezimoto ngantathu umuzi umunye, enye yazo ihlobisa igalaji. Ngizibuze kaningana ngisemi khona eLindelani ukuthi konje kungabe balindeleni, bonani, benzani laba bantu ukuze bajeziswe ngale ndlela." 32

> “Angikuzwa *Euthenasia*. Angikuzwa ukuthi ubukuphi nemoto ka-*Miss Hawkins*. Bangishayele ucingo bathi uthathe imoto ka-*Miss Hawkins* washaya wachitha wahamba amasolokohlo. Kungabe ubukuphi?”
>
> “Bengithi ngichaze kahle ukuthi ngiye ezindaweni ezintathu, e*Reservoir Hills*, e-*La* Lucia naseLindelani.
>
> “Ubuyokwenzani lapho?”
>
> “Bengiyoqhathanisa.”
>
> “Uqhathanisani *Euthenasia*?”
>
> “Ngiqhathanisa ukuphila kwabantu baseNingizimu Afrika. Phela u-*Miss Hawkins* usifundisa umlando wale lizwe lakithi. Ngokufundisa kwakhe ukhuluma ngokulingana kwabantu kanye nangokubuswa kweningi lale lizwe lakithi. Ngizwe kungakangeni isifundo sakhe ukuthi make ngiye kulezi zindawo ukuze ngithi ngingena ekilasini ngibe sengihoshe kahle umoya wokuba ngenze u-*Miss Hawkins* asichazele ngalo mehluko phakathi kwalezi zindawo ezintathu engiye kuzo.”

**IMIBUZO ESOBALA / ELULA**

- Lolu hlobo lwemibuzo lungena ezingeni lokuqala nelesibili lokushuba kwemibuzo.
- Izimpendulo zalolu hlobo lwemibuzo zitholakala esiqeshini osinikeziwe.
- **QAPHELA:** ukuthi amamaki anikeziwe embuzweni asho ubungako bempendulo elindelekile.
- Izimpendulo zale mibuzo ngokuvama zitholakala ngasekuqaleni kwesiqephu.
- **QAPHELA:** amagama asetshenzisiwe lapho kubuzwa imibuzo. Lawa magama kungaba ilawa: Tomula, nikeza, xoxa, yini, kuphi, ngubani, gagula okungaba abantu, indawo noma okunye, chaza, ukubona isizathu, fingqa, qhathanisa okufanayo nokungafani, hlela imibono noma xoxa kafushane, qoqela ndawonye okunezimpawu ezifanayo, hlanganisa okufanayo.

7.1 Tomula umusho onesenzo esikhombisa kuthi u-*Euthenesia* akanayo inhlonipho esingenisweni salesi siqeshana. (1)

7.2 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU asemqoka ulwazi oluqoqwe ngu-*Euthenasia* ngesizinda ngokwendawo ngokwalesi siqeshana. (3)

7.3 Kungani uNgubane ekhombisa umoya wokukhathazeka ngokuya kwendodana yakhe eLindelani kunakulezi ezinye izindawo? (2)

7.4 Nikeza imbangela yokuthi u-*Euthenasia* acabange ukuthi uyise akanandaba nabo? (2)

7.5 Chaza ngodweshu olutholakala kulesi siqeshana. (2)

**IMIBUZO EPHAKATHI / ENDIMENI**

- Lolu hlobo lwemibuzo lungena ezingeni lesithathu lokushuba kwemibuzo.
- Izimpendulo zalolu hlobo lo mbuzo azitholakali ngokuphelele esiqeshini osinikeziwe. Esiqeshini kuvela ingxenye bese wena ucabangela impendulo ephelele.
- **QAPHELA**: ukuthi amamaki anikeziwe embuzweni asho ubungako bempendulo elindelekile.
- **QAPHELA:** amagama asetshenzisiwe lapho kubuzwa imibuzo. Lawa magama kungaba yilawa: Chaza (izimpendulo kazitholakali esiqeshini), ucabanga, qhathanisa, iyini imbangela, iyini inhloso, ingabe, uyini umthelela, yini umphumela, humusha, yamanisa, imiphi imiqondo ekufikelayo.

7.6 Ingabe isenzo sika-*Euthenasia* sokweqa ekhaya saba namuphi umthelela ekuziphatheni kwakhe? (2)

7.7 Qhathanisa okufanayo ezigamekweni zokuba uNgubane adube umndeni wakhe e-*La Lucia* aphinde noshiye kwaMaMthunzi eMadadeni. (4)

7.8 Iyini inhloso yombhali ngesakhiwana sokuba u-*Melody* atholele izingane ekhaya engaganile futhi engaqedile esikoleni? (2)

7.9 Ucabanga ukuthi umbhali wedlulisa muphi umyalezo mayelana nokufunda kwabantu besifazane besizwe sabomdabu? Bhekisa ku*Poppie* kanye naku-Uzithelile. (2)

**IMIBUZO ETHE THUTHU**

- Lolu hlobo lwemibuzo lungena ezingeni lesine nelesihlanu lokushuba kwemibuzo.
- Izimpendulo zalolu hlobo lombuzo azitholakali esiqeshini osinikeziwe kodwa kubhekwa ukuhunyushwa, ukuhlaziywa, ukuhlolisisa nokunconywa kwekhono lombhali wendaba.
- Impendulo mayigxile kumagugu omthetho sisekelo wezwe lapho esekela impendulo.
- **QAPHELA** : ukuthi amamaki anikeziwe embuzweni asho ubungako bempendulo elindelekile.
- **QAPHELA :**amagama asetshenzisiwe lapho kubuzwa imibuzo. Lawa magama kungaba: Hlukanisa amaqiniso embonweni, ukuhlaziya, Ukuhlolisisa, ngabe izenzo zomlingiswa zifanelekile yini, kuhle noma kubi bese wesekela impendulo yakho, phawula ngokuhlolisisa, uyavumelana noma awuvumelani.

7.10 Ngokwakho ukubona isenzo sikaHlanganisani sokuqamba abazala bakhe amagama amasha kusifundisani ngokuvezwa kwabalingiswa kuleli noveli? (3)

7.11 Phawula ngokuhlolisisa isihloko sale noveli ubhekise ezincwadini ezazibhalelwa uNgubane ngabakwaCele kodwa yena azizibe. (2)

**[25]**

**ISIBONELO SEMPENDULO YOMBUZO OMFUSHANE**

**IZIMPENDULO EZILINDELEKILE**

**UMSEBENZI WOKUQALA**

**ISIQESHANA A**

7.1 Izandla wazibeka ngaphansi kwamakhwapha ngemuva kokuphambanisa izingalo. /Wadonsa umlomo waphukula.√ (1)

7.2

- Indawo yase-*Resevoir Hills* ihlala amaNdiya acebile.√
- Indawo yase-*La Lucia*/eyaseMhlanga *Rocks* okuhlala kuzona abelungu abacebile.√
- Indawo yaseLindelani egcwele imijondolo, ubuphofu nokweswela izidingongqangi. √

(3)

7.3 UNgubane uba nomoya wokukhathazeka ngoba iLindelani kuyindawo yabantu abamnyama ephansi enemizi yezimpabanga. Iselokishini lakwaMashu okuyindawo ayibukela phansi kakhulu nangafuni nhlobo ukuzibona ekuyo.√√ (2)

7.4 Ubangelwa wukuthi wayecabanga ukuthi njengoba behlala behamba nonina bayizingane zakhe kuphela √ futhiabazali babo babehlukaniselene imisebenzi. Uyise wayebheka izinja bese bona baba wumsebenzi kanina. √ (2)

7.5 Udweshu olutholakala lapha olwangaphandle phakathi kukaNgubane nendodana yakhe√ lumayelana nesigameko sokuntshontshwa kwemoto kaMiss Hawkins. UNgubane ufuna ukwazi ukuthi u-Euthanesia wayeyephi ngayo. √

Ngicabanga ukuthi ayebikezela ukuthi uyise uzobashiya basale nonina njengoba kwenzeka sebehlala e-*La Lucia* ebaduba ebuyela eMlazi ngoba uMaMthimkhulu ethengele izingane imoto kungavunyelwananga. √√

(2)

7.6 Isenzo sika-*Euthenasia* sokweqa aye eMpaphala saba nomthelela omuhle ekuziphatheni kwakhe ngoba washintsha kakhulu. Wayekujabulela ukwenza imisebenzi yasendlini asize u-*Melody*. √ Wayengasafuni nokuthi baphuze iwayini emuva kwesidlo ngoba kungahambisani nokushiwo yiBhayibheli. √ (2)

7.7 Okufanayo ezigamekweni zokuduba kukaNgubane yizimbangela ezithinta ukutotoswa kwezingane√ nezinkinga zemoto. √E-*La Lucia* kwabangelwa wukuthi umkakhe uMaMthimkhulu atotose izingane aze azithengele imoto kungavunyelwananga√ kanti nakhona eMadadeni wakhala ngokungabi nesandla esiqinile ezinganeni kukaMaMthunzi okwenza ukuthi kuthi noma sekugingqwe imoto yakhe ahluleke ukufaka icala ngoba uMaMthunzi engafuni avulele uPrisca icala. √ (4)

7.8 Umbhali uhlose ukufundisa ukuthi isintu sithi uma intombazane itholele izingane ekhaya lezo zingane azilahlwa njengoba kwenza uBafana kodwa ziba ngumthwalo wabafowabo uma yona ingasakwazi ukuzibhekela zona.√ UHlanganisani wazithatha izingane ukuze anikeze uVuk'úzithathe ithuba lokubuyela esikoleni.√ (2)

7.9 Umyalezo wokwexwayisa abantu besifazane ngokuthi akumele bathi ngoba befundile bese baba ngogombela kwesabo ngokuba nomona nempakamo njengo*Poppie.* √ Umbhali uncoma abesifazane abadela injabulo yabo banakelele isizwe besebenzisa imfundo yabo ukuze kube nentuthuko njengoba u-Uzithelile athi yena angeke ashade imikhankaso yakhe yokuqeda indlala esizweni esimnyamaingafezekanga. √ (2)

7.10 Isifundo sokuthi umuntu uyalindela igama lakhe. √ UVikizitha walilandela igama lakhe ngokubuya eMpaphala esenesimilo akaphindanga wazifaka ezinkingeni

njengaphambilini entshontshe imoto kathisha nemali kaMaXakushe. √ UVukuzithathe wavuka ngempela wabuyela esikoleni nanoma wayesedelile ngokutholela izingane ekhaya.√ (3)

7.11 Isihloko senoveli sikhuluma ngokuthi impi iphakathi kwabozalo/kwabamnyama. √ Siyahambelana nendlela uBafana axosha ngayo umalume wakhe uCele waphika izingane zikadadewabo uLinono, ephila impilo yokuziqhelisa nabegazi lakhe ngoba ezibona engcono kakhulu.√ (2)

**[25]**

**LO MSEBENZI OLANDELAYO UMISELWE UKUBA UMFUNDI AZIVIVINYE NGAWO.**

**UMSEBENZI WOKUQALA**

**ISIQESHANA B**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo

'Kahle Thatha, mina bengi …' 'Kahle Thatha bani. Angiyena mina uThatha, nginguThathezakhe.'

'Ngiyaxolisa wethu. Bengiqonde ukuthi Thathezakhe.'

'Kungenzeka futhi ukuthi kwabona omakhelwane bakho babe phezulu kakhulu, ngakho sonke isigodi kube yisigodi sabantu abaqandayo. Uma kunjalo, kungakuhle uphume ndoda ufune omakhelwane kubantu abaphansi, yize besekudeni ngokwakhelana. **Uma ungakwenzi lokho Mbomvu, lobu bukhulu bakho** buzozichofoza **izingane zakho.'**

'Yini indaba kungathi umhlahlo usudla mina, kanti mina ngibona owakwami njengomuntu obhekisa izinto eceleni. Kungabe ngempela le mbedumehlwana emzini wami idalwa yimi? 'Ushaye khona impela Mnumzane Ngubane. Uma wenza nje, usushaya emhlolweni. Yiqiniso kuphela eliyosikhulula kuzinkimbinkimbi zezinkiyankiya.

Ngiyathanda ukuba ngibuyele futhi kulesiya sicaphuno sikaPhawula. UPhawula uthi 'Uthando aluzikhukhumezi, aluzigabisi.' Kungabe unjani ngalapho Mbomvu? Kunjani kuwe ukuzikhukhumeza? Kungabe sekwehla?'

'Wo Dinangwe, ngiyethemba ufuna iqiniso. Uma kunjalo, kungathi thina nowakwami sibuthaka ngakuleyo ndawo.' 'Musa ukufaka owakwakho njengamanje ngoba ngiselapha wena kuphela. Ngizothi ngidlulela kuye, ngizobe sengikwelaphile wena.

Indaba yakho yokuzikhukhumeza ngingeke ngavuma ukuthi yafika kwaNgubane nowakwakho. Mina ngikwazi kahle wena, thina safika eManzimtoti *Training College* wena uyiqoqo. Wawusibiza ngemisila, izinto ezithanda umdaka, uthi yithi laba esasiletha izimbungulu emadomi.' Wagwajaza uNgubane ekhumbula kahle ukuthi ngesabo isikhathi abasha bebenyukwa ngempela.

'Uthi nje usabakhumbula abangani bakho bethi kithi zizofeyila zonke lezi zinto ezithi zizokwenza ufomu 4, besithusa sifika. Wena wawuliprefekthi elaliziqhenya, lingakhulumisi muntu. Mina ngangithi wena ungowaseGoli, noma koLamontville noChesterville noma ungowaseMphithi. Ngamangala ngizwa ukuthi kanti ungowaseMpaphala, siwumoyamunye. Noma sisoNgoye, wawusazithwele Mbomvu, ikakhulu ngenkathi uthandana naloluya swazi lwentombi yaseGoli. Ngiyakhumbula ngelinye ilanga sidla inyama laphaya ngasechibini lokubhukuda. Wena nentombi yakho yaseGoli nenqaba ukwehla niye ezansi lapho kwakosiwa khona inyama. Wena wabiza omunye wangakini wathi makakulethele inyama khona laphaya phezulu. Wenqaba omunye wangakithi. Wenqaba ukwehla ukuyocosha inyama Ngubane, ngoba uthi nina anidli nabantu abanjengathi abangenamakhozi nabangameji. Wena nentombi yakho nanimeja phela.

Ngiyazi ukuthi lowo ngumlando osewadlula. Lowo mlando zimpande zokwenza kwethu Ngubane.Uma ufuna ukulungisa umndeni wakho, kuzodingeka ukuba wehle mfowethu, wehle kule nkabi yokuzithwala oyigibele.'

2.1 Yimuphi umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshane? Sekela impendulo yakho ubhekise kumlingiswa onguNgubane. (2)

2.2 Umbhali ubasebenzise kanjani abalingiswa kulesi siqeshana ukuveza imizwa yabo? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)

2.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU udweshu lwangaphakathi ngenkathi uNgubane esebuyele kwakhe eMlazi. (3)

2.4 Nikeza okufanayo mayelana nezenzo zomlingiswa onguThathezakhe Mdlalose kanye nomethiloni Mkhize. Nikeza izizathu zempendulo yakho. (3)

2.5 Iyini inhloso yombhali yokwethula indikimba yobuntu? Xoxa ubhekise kumlingiswa onguNgubane noPoppie. (3)

2.6 Qhathanisa indlela umlingiswa ongu*Ben Martin* noNgubane ababuka ngayo izinto mayelana nempilo ephilwa ngabantu basemalokishini abantulayo. (3)

2.7 Ngabe amazwi abhalwe ngokugqamile ashiwo uDokotela Mdlalose anabudlelwane buni nesimo senhlalo yakwaNgubane? (2)

2.8 Ucabanga ukuthi wawungaba njani umphumela wothando empilweni kaMelody ukuba akazange aqhubeke nokufunda? (2)

2.9 Uyavumelana yini nokuthi izenzo zomlingiswa onguCele zimveza njengomlingiswa owuthandayo umndeni wakhe? Sekela impendulo yakho. (2)

2.10 Phawula ngempumelelo yombhali yokwethula isiphetho sale noveli. (3)

**[25]**

**UMSEBENZI WESIBILI**

**ISIQESHANA C**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo

'Ugogo isisebenzi lapha ekhaya, hhayi uphilinsiphali noma ungqongqoshe wezemfundo njengoba yena ecabanga.' 'Yena uMa-X ulungile. Yizo izintwana ezincane ezithanda ukuba isinengiso. Futhi thina naye siyezwana. Ngibona ukuthi nina nixatshaniswa nangokungaqondi kwakho.'
3

'Ngiqoqeni manje Melly?' kubuza u-Euthenasia elokhu esika imibengo kashizi eyiphonsa emlonyeni. 'Uqoqe nje ekamelweni lakho. Futhi uma kade udla, usibeke isitsha obudla ngaso esinkini esikhundleni sokuba usishiye lapho obudlela khona. Kwenye inkathi, nami ngiye ngesabe ukungena ekamelweni lakho mfowethu. Kuye kungathi kuzophoma inyoka.'
7

'Angizwa yini ekuphatha kabi ekwenzeni kwami lokho Melly. Uma mina ngiqoqa isitsha ebengidlela kuso, sizisebenzani isisebenzi salapha ekhaya? Mina ngiyingane yalapha ekhaya, hhayi isisebenzi. Mina ngiyinkosana yakwaNgubane, wena uyinkosazana. Lokhu asizikhethelanga, kodwa kwabekwa ngaphezulu. Wena Melly uke akubize ngenkosazana ugogo. Kuhle lokho. Mina "akacingi" ukuba angibize ngonkosana.'
11

'Awu kahle Euthy ukungihlekisa. Nawe usufuna ukubizwa ngenkosana? Ungunkosana usuyiNdiya yini? Mina ngazi amaNdiya abizwa ngonkosana lapha emakethe, ngingazi ukuthi lo bunkosana abuthathaphi amaNdiya. Mina ngingamkhuza ugogo uma ekubiza ngonkosana. Futhi nomama angiboni ukuthi angakuthanda lokho.' 14

'Cha Melly, bengingasho ukuthi sengifuna ukubizwa ngonkosana. Nami iyangidina into yokubizwa kwamaNdiya ngonkosana. Mhla ngakhula, ngozinika umsebenzi wokuba ngiphume umkhankaso wokushumayeza abantu bakithi ukuba bayeke lo buncelebane babo benkosanisa amaNdiya, bekhosiza bebasabisa nabeLungu. Kodwa phela ukuba ugogo usebenzela abelungu noma amaNdiya ngabe ugogo ungibiza nkosana.' 18

'Ngoba nawe kuloyo mkhankaso Euthy. Okwamanje zama ukuqoqa ekamelweni lakho, bese uthatha njalo isitsha obudla ngaso usifake esinkini. Uma wenze njalo nohlalisana kahle nogogo Ma-X.'

Khona ngizozama noma lo kuthunywa kokwehla nokwenyuka kade ngakwehla.
**21**

3.1 Ludalwa yini udweshu phakathi kuka-Melody no-Euthenasia kulesi siqeshana? (2)

3.2 Yimuphi umkhankaso owawuzokwenziwa u-Euthenasia uma esekhulile? (2)

3.3 Chaza kafushane ngokwenzeka esiphethweni salesi siqeshana. (3)

3.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU ngokuvezwa komlingiswa ongu-Euthenasia ngokwalesi siqeshana? (3)

3.5 Chaza isigameko esaholela ekutheni uBafana ahambe kwaMaMthunzi. (2)

3.6 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaNgubane ukube akabuyelanga eMpaphala? Sekela impendulo yakho. (2)

3.7 Qhathanisa izenzo ezifanayo zikaHlanganisani kanya no-Uzithulele ekuthuthukiseni indikimba yabuntu yale noveli. (3)

3.8 Yini inhloso yombhali yokusebenzise isizinda saseMlazi nesaseMpaphala? (3)

3.9 Uyavumelana nokuthi ukungabi nobuntu kukaBafana kumalume wakhe yikhona okwaba yisisusa sodweshu? Sekela impendulo yakho (2)

3.10 Uyazwelana nomlingiswa onguNgubane ngakutshelwa nguThathezakhe Mdlalose? Sekela impendulo yakho. Yikuphi owawungakwenza uma kwakunguwe ubhekene nalesi simo? (3)

**[25]**

**<u>IMIBUZWANA EBHEKISWE KUBAFUNDI UKULEKELELA UKUTHUTHUKISA LO MQULU</u>**

**Sebenzisa le mibuzo elandelayo engalekelela ukuthuthukisa lo mqulu:**

**INDLELA YOKUPHENDULA:**

**Phendula ngokusebenzisa isiphambano kuleyo mpendulo oyikhethile.**

1. Kusekuningi okumele kulungiswe
2. Imizamo yalo mqulu isezingeni eliqalisayo
3. Imizamo yalo mqulu isendimeni
4. Imizamo yalo mqulu mihle kahle
5. Imizamo yalo mqulu mihle kahle kakhulu

| AMAZINGA | 1 | 2 | 3 | 4 | 5 |
|---|---|---|---|---|---|
| 1. Lo mqulu uzoba usizo kubafundi nothisha. | | | | | |
| 2. Lo mqulu uhlelwe kahle kakhulu ukuba abafundi bangazifundela ngokwabo. | | | | | |
| 3. Lo mqulu unabo ubudlelwano phakathi kwencwadi emiselwe kanye nendlela okubuzwa ngayo ephepheni. | | | | | |

**IZIPHAKAMISO ZOKUTHUTHUKISA LO MQULU**

